


UKUHLANGANISWA OKUNGENAKUBONWA KOMLOBOKAZI KAKRISTU

 Ngikhansele uhambo lokuyozingela, ukuze ngigcine inkonzo eNkosini. Ngakho yi...Siyajabula ukuba lapha. Ngiyakholwa, ngokudlule lapha, nganitshela: njalo uma sifika, kukhona ongasekho. Futhi uma sizoyobuya ngonyaka ozayo, iNkosi ilibala, kuyobakhona ongasekho.

² Kunoyedwa, owayesondele kakhulu, kakhulu kimi enhliziyweni, umoya; lowo kwakunguMfowethu Lyle. Ngangihlala njalo nginokwemukeleka, ngingena, ngimi emuva lapho futhi ngilalele, endaweni kaMfowethu Jack yokutadishela, kokucula kos'cula-ngabane abadala. Bacula eNkazimulweni, kulobubusuku. Awu, kunelinye lalawomaphimbo eselivele liLaphaya, lilindele amanye amathathu. Ngiqagele angisophinde ngilizwe lapha emhlabeni. Kodwa impela ngibheke ukulizwa futhi, Mfowethu, Dadewethu Moore lapha, kuleloZwe lapho beyo... alisoze lafiphazwa.

³ UMfowethu Palmer wayeyinceku enkulu kaKristu. Ngisakhumbula uMfowethu Jack engixoxela ngempilo yakhe—yakhe enikelwe kuNkulunkulu. Babengababazi, ndawonye. Futhi wathi wayedla ilantshi yakhe—yakhe, apha the isemishi ngesandla sakhe, edla isemishi futhi efunda iBhayibheli lakhe. Niyabo? Wenze ezinye izinto ezinkulu kakhulu, uMfowethu Palmer wazenza. Ungumbazi olungileyo, ubaba olungileyo kubantwana bakhe, umndeni othandekayo. Wabakhulisa bonke ukuba bakhonze iNkosi. Ngokwazi kwami, bonke basindisiwe futhi bagcwaliswe ngoMoya oNgcwele. Nalowo ngumnikelo omkhulu kunoma yimuphi owesilisa ngalezizinsuku, abafana namantombazane. Kodwa, niyabo, konke ake wakwenza ngeke kuthatheke ngokuthi kukhulu kakhulu aze akhonze uNkulunkulu, ngaphandle uma ekhonze uNkulunkulu. Futhi kulobubusuku, akwenze lapha emhlabeni, izenzo zakhe ezinhle, useye emvuzweni wakhe, ukuba ayoba nazo. UNkulunkulu akaphumuze umphefumulo womfowethu.

⁴ Ngiyazi, inqobo nje uma leli kuyitabernakele lapha, futhi ngi—ngiyazi uzo...iphimbo lakhe lizobe lisalokhu lilapha. Ningalizwa. UDadewethu Anna Jeanne no—nodadewabo, bedlala iogani nopiyano, ukuthi babengadingeki kanjani neze ukuba balinde. UMfowethu Palmer uvele nje ame lapha bese

nje ecosha iculo, aqhubeke. Babelibamba. Futhi angilokothi... Ngangimlindele ukumuzwa ehola iculo.

⁵ Kubantwana bakhe; kumkakhe; nakuMfowethu Jack, umngane wakhe wesifuba, kade bengabangani yonke leminyaka; noMfowethu Brown, uDadewethu Brown, nani nonke tabernakele: uNkulunkulu anibusise. Ngiyamkhumbula, nami. UNkulunkulu aphumuze umphefumulo wakhe oyiqhawe, size sibonane naye ekuthuleni.

Asikhothamise ikhanda lethu.

⁶ Baba waseZulwini onomusa, ngikhuluma nje ngalenceku enkulu, ngilahlekelwe yiyo, kulobubusuku, yona ingixhawula, nalokho kumamatheka okuncane okunobuhlakani eyayinakho njalo lapho ithi, “UNkulunkulu akubusise, Mfowethu Branham,” lapho siyongena emnyango. Ngiyazi isikhuphukele eNdlini yaKho, kulobubusuku. Ngakho ngiyakhuleka, Nkulunkulu othandekayo, ukuthi Uzovumela izithelo, imisebenzi yayo eyilandelayo, ibe mikhulu, iqhubekela phambili nabantwana bayo, umkayo. Sikhulekela ukuthi Uzombusisa, Nkosi. Wathi Uyoba ngumyeni ku “bafelokazi ababengabafelokazi bangempela.” Ngikhulekela uDadewethu Palmer nabo bonke abantwana. Ngiyazi ukuthi kuzwelana kanjani nabo bobabili, ukulahlekelwa yisithandwa kanjalo futhi nokulahlekelwa ngubabayi wami.

⁷ Ngakho, Baba, siselapha, kulobubusuku, sikhulekela ukuthi Uzolongiselela izinhliziyi zethu, futhi, ngalelohora. Asazi. Lingahle lifike ngokushesha nje njengoba elakhe lenza. Asazi ukuthi liyofika nini, kodwa siyazi lizofanele lifike. Ngakho siyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi Uzohlola zonke izinhliziyi ezingaphakathi lapha, kulobubusuku. Nkulunkulu, ungayishiyi eyami ngaphandle. Hlola eyami, futhi, futhi ungivivinye. Nkosi, uma kuba nobubi kithi, bukhiphe. Sifuna ukuKukhonza. Leyo yimpokophelo yethu egcwele, ngukukhonza Wena.

⁸ Thululela uMoya waKho phezu kwethu, kulobubusuku, nalo lonke leliviki. Busisa lelitabernakele ngegama leLife Tabernakele. Kwangathi lingemukela izibusiso ezigcwele zalelogama futhi ligcwele ukuPhila kukaNkulunkulu, kuleliviki, ukusindisa yonke imiphefumulo elahlekile, ukugcwalisa lonke ikholwa ngoMoya oNgcwele, futhi uvuselele amathemba elikithi, Nkosi, futhi. Sikhulekela ukuthi Uzophilisa futhi bonke abagulayo nohluphekileyo ofika phakathi kwethu. Kwangathi uMoya waKho oNgcwele omkhulu ungaba lapha, Nkosi, futhi nje uphilise. Futhi ugcobe ngamunye ukuba bakholwe. Siphe lezizinto, Baba.

⁹ Nkulunkulu, ngisize manje. Uma kwehlela, kwehlele mina ukuba ngethule uMlayezo. Ngiyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi Uzovele nje dedele ingxenye yomuntu ime eceleni. Kwangathi uMoya oNgcwele ungangena futhi uhambe phezu kwethu, Nkosi.

Kwangathi uMoya oNgcwele ungathatha umhlangano, Nkosi. Siyazi ukuthi asenele kakhulu. Besingeke sakwenza, akukho namunye wethu. Asizisho ukuthi siyakwazi ukukwenza. Kodwa, Nkosi, siyazi ukuthi Wena unguYe. Ngakho sibheke Wena, Nkosi. Nyakaza, Moya kaNkulunkulu, futhi wehlele kabusha phezu kwethu. Sicela eGameni likaJesu. Amen.

¹⁰ Manje ngifuna ukwedlulisa imikhonzo kwehle njalo ngomugqa, emabandleni manje elilalele ocingweni esifundazweni sonke. Sisekuxhunywani ngotelefoni, okuluhlelo oluncane oluhle esikwazile ukuluthola, ngoMfowethu wethu uPerry Green waseBeaumont, eTexas. Namabandla, ngokuphelele, elilandela uMlayezo, kuyoshaya le kunqamula iUnited States, kuxhunye ocingweni, kulobubusuku. Sithumela imikhonzo, enhla nasezansi oGwini lwaseNtshonalanga, kusukela le eVancouver kwehlele eTijuana, eMexico, kuze kuyofika eSan Jose, eLos Angeles. Onke amaqembu ngale phakathi lapho, siyanibingelela siseShreveport. Futhi, kuyoshaya le ePrescott, eArizona, eqenjini enhla lapho elilindele iNkosi, sithumela imikhonzo, kini, naseTucson, neSierra Vista. Kuyoshaya le eNew York, enhla nasezansi, esizweni sonke, iNkosi inibusise, ngamunye. Ngifisa sengathi ngabe benilapha, kulobubusuku, lesisifundazwe esidala esihle saseLouisiana, lapho okubonakala khona sengathi yikhaya lesibili, kimi. Ngi. . .

¹¹ Niyazi, ninabantu enhla eNew York, niyazi, ngithi ukunihleka kancanyana, indlela enikhuluma ngayo. Ngisekhaya ngqo kulobubusuku. Ya. Wonk'umuntu ezansi lapha, niyazi, bathi, "Halo, d'ere, Mfowethu Branham. Uboletha uDadewethu Branham nazo zonke izingane futhi nize ngapha nizosibona." O, he! Lokho kungenza ngizizwe ngikahle. Leso yisiNgisi sangempela, kimi. Kungesikho ukunibukela phansi ninabantu enisempumalanga nasenyakatho, nezindawo ezehlukene. Kodwa, niyazi, ngiqagele ngazalwa nje ngiyiReb' endala futhi ngifanele ngihlale ngaleyondlela. Ngi-ngithi ukukuthanda, qobo lwami. YisiNgisi sangempela.

¹² Ngangisekudleni kwasekuseni koSomaBhizinisi, lapha kungekudala, futhi bathi, "Sizoma manje futhi sicule iculo lesizwe." Ngase ngisukuma, ngathi, "Ngekhaya lami elidala laseKentucky, kude le." Awu, kimi, lelo kwakuyiculo lesizwe. Yilokho kuphela engangikwazi ngalo. Ngakho, sinithumela umkhonzo. Futhi manje ku. . .

¹³ Ngikholwa ukuthi bazozama ukusakaza ukudla kwasekuseni, futhi, ukudla kwasekuseni koSomaBhizinisi, ngoMgqibelo ekuseni. UMfowethu Green uzonitshela, njengoba esemibhobheni phandle lapho manje. Ngakho uzonitshela ukuthi ukudla kwasekuseni kuqala ngasikhathi sini, nokuthi sikhathi sini, ubusuku ngabunye, ukungena kukho. Sinibonga ngomkhulu umusa. Sikhulekeleni.

¹⁴ Manje, ebandleni lendawo lapha, netabernakele likaMfowethu Jack, ngizocela usizo lwenu nje, kulobubusuku. Lokhu bengizonikeza uMlayezo wami wokubonga e—esizweni sonke, kulobubusuku, emabandleni ethu endawo elilandela uMlayezo. Kulokhu, ngi—ngingahle ngithi ukwelula kancane. Bese kuthi-ke, futhi, ngingahle ngishumayeke enye iMfundiso. Ngakho, uma kunjalo, futhi ningavumelani naYo. . .

¹⁵ Njengoba nje bengihlale njalo ngisho mayelana nokudla uphaya wokusamathunduluka: “Uma ngizithela enhlamvini, angiwulahi uphaya, ngilahla inhlamvu, ngiqhubeka nje nokudla uphaya.”

¹⁶ Ngakho uma kwenzeka ngiphatha into ethize kulobubusuku, ngi. . .Awu, yilesosizathu esisodwa ngithathe lesisimemo, kulobubusuku, ukuba ngibe lapha, ukuletha uMlayezo wami wokubonga emaqenjini ezweni lonke, bekungenxa yokuthi uMfowethu Jack njalo ngokukhulu ukukhululeka uvula umnyango wakhe bese ethi, “Shumayela okusenhliziyweni yakho.” Ngakho ngizizwa ngisekhaya ngempela.

¹⁷ Ngakho kungahle kube ngukuthi phakathi lapha, ebandleni lendawo lapha noMfowethu Jack, kungahle kube nabefundisi nabanye abantu abazophikisana neMfundiso. Ngokwejwayelekile nginokuhlonipha ukuba ngingaphathi imfundiso epulpiti lomuntu, ongimemile ukuba ngize ngimkhulumele. Ngakho, emva kwalobubusuku, ngibona ukuthi ngizobe nje ngikhulekela abagulayo futhi ngenza inkonzo yanjalonjalo. Kodwa ngicabange ukuthi ngizonazisa kuqala, ukuthi uma into ethize engiyishoyo engahle ingavumeleki, ngani, ivumeleni nje ekungazini kwami, ngiqagele, futhi ngingakwazi okungcono. Futhi ningikhulekele.

¹⁸ Ngakho manje asiphenye eZwini, esahlukweni lapha. Ngifisa ukuthathisela ezindaweni eziningi kulobubusuku, ngoba nginemiBhalo eminingana namanothi amancane abhalwe akhishelwa lapha ebhukwaneni lokubhalela.

¹⁹ Ngiyakhumbula okokuqala ngigibela emsamo eLife Tabernakele, eminyakeni engamashumi amabili eyadlula. Nga—ngangadingeki ukuba ngiyibhale phansi imiBhalo yami nenkomba. Ngangisemncane ngeminyaka engamashumi amabili nje ngaleyonkathi. Kodwa manje sengedlule emashumini amabili-nanhlanu, ngakho ngi. . .okwesibili. Ngakho ngi. . . angisakukhumbuli njengoba ngangivame ukukwenza. Ngidingeka ngibhale imiBhalo yami phansi, futhi ngezinye izikhathi ngifishanise phansi into ethize enye engifuna ukuthathisela kuyo.

²⁰ Futhi manje iNkosi ibusise njengoba sisafunda eZwini likaNkulunkulu, neNewadi yabaseRoma, isahluko 7. Manje, ngifuna ukuthi nje ukufundisa lokhu njengesifundo sika Sonto sikole.

²¹ Ngiyazi kunabantu abamile. Nasetabernakele, ngokuvamile, eJeffersonville, sifuna ukunibingelela nonke, kulobubusuku, futhi, ngazi ukuthi nixhume ezingcingweni enhla lapho etabernakele. Futhi kubukeka sengathi kuba setabernakele, kulobubusuku, ukuba benisezansi lapha, abantu bezungeze izindonga, futhi bechichimile. Manje, ngibona sengathi ningaleyondlela, nani, bonke abantu osenhla kuleyongxenye yezwe, abangenela uMlayezo.

²² Manje sizosebenzisa lokhu njengesifundo sikaSonto sikole. Futhi akuqondisiwe kunoma yini, noma yibaphi abantu abathize, kumbe noma yini; eBandleni nje, uMzimba kaKristu esizama ukuwuholela emicabangweni ejule kakhudlwana nezimpokophelo eziphakeme kakhulu, sikhulwa ukuthi ukuFika kweNkosi uJesu sekusondele. Siyakukholwa lokho. Kakhulu impela, sekusondele ngeminyaka engamashumi amabili kunoma kwakunjalo okokuqala ngifika eShreveport. O, kuningi kakhulu okwenzekile kusukela kulesosikhathi! Manje sibheke ukuFika kweNkosi, esizukulwaneni sethu. Angibheke yona imvuselelo esizukulwaneni sethu. Ngibheke ukuFika kweNkosi, esizukulwaneni sethu.

²³ Manje kwabaseRoma 7. Ngithemba ukuthi niyawavula amaBhayibheli enu, ndawo zonke manje, ezweni lonke. Sifuna ukufunda ngokusondele manje. Lo—loMlayezo ophuma lapha, kubonakala sengathi usemshadweni nesahlukaniso, kodwa ngempela awunjalo. Kimi, yisiprofetho seBandla ngezinsuku zokugcina. Asifunde.

Kanti anazi yini, bazalwane, (ngokuba ngikhuluma kwabawazi umthetho,) ukuthi umthetho uyabusa phezu komuntu ngesikhathi sonke esekhona na?

Ngokuba owesifazane oganileyo uboshelwe ngomthetho endodeni isekhona; kepha nxa indoda isifile, ukhululiwe emthethweni wendoda yakhe.

Ngalokho-ke uma, lapho indoda yakhe isekhona, uyakuthiwa isiphing, uma eba-ngowenye indoda; kepha nxa indoda isifile, ukhululekile kulowomthetho; angebe-yisiphingi, uma eba-ngowenye indoda.

Kanjalo, nani-bazalwane bami, nani naba-ngabafileyo maqondana nomthetho ngomzimba kaKristu; ukuba nibe ngabahlanganiswe noma nifanele nibe-ngabomunye, lowo ovusiwe kwabafileyo, ukuze sithелеle uNkulunkulu izithelo.

Ngokuba kwathi sisenyameni, ukuhuhuka kwesono, okwavela ngomthetho, kwasebenza ezithweni zethu ukuthelela ukufa isithelo.

Kepha kalokhu sikhululiwe emthethweni, sifile maqondana nalokho esasibanjwa yikho; ukuba sikhonze emoyeni omusha, kungesegameni elidala.

24 Futhi manje asikhuleke.

25 Nkulunkulu othandekayo, sisanda kufunda nje lokho esikukholwa ukuthi kuyiZwi likaNkulunkulu elingcwele. Futhi yilokho esikukholwayo, ukuthi akukho nelilodwa ichashazi noma okukodwa okuncane okuyoke kwedlule kuLokhu kuze kugewaliseke konke. Futhi siyakholwa ukuthi iNkosi yethu yasitshela, eZambulweni isahluko 22, ukuthi, “Oyosusa iZwi elilodwa kuLo noma enezele izwi elilodwa kuLo, naye, isabelo sakhe, siyakususwa eNcwadini yokuPhila.”

26 Futhi siyakubona lokho, ngokumelwa ngokungesikho kwaleliZwi, njengoba uSathane waLimela ngokungesikho kuEva, kwambangela ukuba angabaze iZwi elilodwa, kwasiphosa sonke isintu enxushunxushwini ewile. IZwi elilodwa nje!

27 Manje-ke siyabona maphakathi neNcwadi, kwafika iNkosi yethu noMsindisi, futhi Yasinika lesisicaphuno mayelana naLo. “Akusinkwa sodwa umuntu ayakuphila ngaso, kodwa ngamaZwi onke aphuma emlonyeni kaNkulunkulu.”

28 Manje-ke isixwayiso esiqinile eNcwadini yokugcina, yeSambulo sikaJesu Kristu, “Oyonezela izwi noma asuse iZwi, isabelo sakhe siyosuswa eNcwadini yokuPhila.”

29 O Nkulunkulu, sazi, sibona ukuthi singabachoboka kanjani, sazi ukuthi sihamba ezintanjaneni zokuphila eziphoqoka kanjani, zalokhu ukuphila okusazokufa (singazi ukuthi sikhathi sini esizobizwa ngaso ukuba siphendule Phezulu), masithi, O Nkosi, silahle konke enhliziyweni yethu, yonke into engqondweni yethu, futhi sibuke ngqo eZwini laKho, kulobubusuku, nangaWe ukuba ufike futhi uLihumushe ngamazwi aphilayo. Siphe khona.

30 Kwangathi uMoya waKho ungehlela phezu kwethu futhi ugcobe iZwi enhliziyweni yethu, ukuze sisuke lapha, kulokhu ukuhlwa, sesingabantu abangcono kunoma siyibo manje, ukuze sibe nokubona okusondele kakhulu kuJesu Kristu. Siphe khona, Nkosi, ukuze siqonde usuku esiphila kulo, nokulungiselela kukaNkulunkulu kwabantu baKhe ngalelihora; lesi esikhulu, esibucayi, isikhathi esimnyama manje esiphila kuso. Nkulunkulu, sigcobe, hhayi isikhulumu kuphela, kodwa ozwayo. Futhi, kanyekanye, yenza izinhliziyi zethu ukuba zithuthumele eZwini laKho. “Ngokuba ukumesaba uNkulunkulu kungukuqala kokuhlakanipha.” Siphe lezizinto, Baba, ngokuba sikucela eGameni likaJesu. Amen.

31 Ngithanda ukuzinika izihloko leziziphawulo ezimbalwa ebengizozenza lapha, neminye imiBhalo engithanda ukuyilandela ngokusondele ngemuva, uma iNkosi ithanda, e—eMlayezweni wokubonga, kokungenakubonwa, ngokuthi: *UkuHlanganiswa Okungenakubonwa KoMlobokazi KaKristu. UkuHlanganiswa Okungenakubonwa KoMlobokazi KaKristu.*

Akuzwakali njengoMlayezo wokubonga. Nokho, noma yimuphi umBhalo, sinokubonga ngakho konke okwaWo.

³² Nginokubonga kuNkulunkulu, ukuthi ngibe ngophilayo ngalesisikhathi, sokuvalwa kwezinkundla zomlando walelizwe. Angazi. Ukuba ngangiyoba nokusho kanjalo ngaphambi kokusekelwa kwezwe, nokuthi ukuba uNkulunkulu wayendlale lonke uhlelo kimi, futhi wathi kimi, “Ngi—Ngifuna ushumayele. Futhi manje yimuphi unyaka owufisayo, ukuba uye emhlabeni ukuba ushumayele na?” Ngangiyokhetha lonyaka, ngokuba ngicabanga ukuthi lona ngunyaka wegolide.

³³ Impela ngangiyothanda ukuba ngibe lapha ngesikhathi sokuvakashela kwaKhe emhlabeni. Kodwa, noma kunjalo, ngicabanga ukuthi lesi khona manje yisikhathi esikhulu kakhulu, ngoba yisikhathi Eza ngaso ukuthatha abantu Abahlengile, kusondela ukuvuka lapho bonke abahlengiwe beyophuma khona. Ithuba elihle kakhulu kangaka pho esinalo, ukukhuluma kubantu abafayo, isikhathi esikhulu! Sishisekele ngaso.

³⁴ Futhi siyazi ukuthi umlando usuyavala. Umlando wezwe uzophela masinya, khona-ke sizongena osukwini olusha, esikhathini esikhulu seminyaka eyiNkulungwane. Ukuthi, njengekholwa elilodwa, ngiyakholelwa e...esikhathini seminyaka eyiNkulungwane, ukubusa isikhathi seminyaka eyiNkulungwane noKristu, iminyaka eyinkulungwane phezu komhlaba; ukubuya ngokomzimba kweNkosi uJesu, ukuthatha abantu bangokomzimba, abakhazimulisiweyo, ngeGazi laKhe elihlanzayo.

³⁵ UPawulu lapha unikeza isibonelo ngokwenza, emBhalweni wethu, mayelana nomthetho nomusa, nokukwenza isibonakaliso ngokukwenza njengomshado nesahlukaniso. Lendima iyivelakancane impela ukuba kushunyayelwe ngayo, ngoba ithi, ngokufana nokuthi, kumayelana no, njengokuthi, umshado nesahlukaniso. Kodwa futhi kumayelana nengxenyane enkulu kakhulu yomshado nesahlukaniso, ukuthi uzama kanjani ukukubeka ngokuhlelekile lapha ukuthi thina, njenge—njengeBandla, singeke sisaganiselwa izwe nakuKristu, ngesikhathi esifanayo, futhi—futhi kube semthethweni nangokomthetho ngakho, kunoma kungaba ngowesifazane ukuba ahlale nendoda esenendoda ephilayo. Futhi nginemicabango engeyami ngalokho, futhi ngiyakholwa ukuthi okushiwo yiBhayibheli kuyiQiniso.

³⁶ Manje, kodwa ngiyakholwa, futhi, kusenkolelweni yami, ukuthi kusombulula enye yezimfihlakalo ezinkulu zesiprofetho. Futhi ngithemba ukuthi iNkosi izosisiza, kulobubusuku, njengoba sethula lokhu kubantu bakithi abalindile ezweni lonke.

³⁷ Kwashiwo, ngesinye isikhathi (ngangifunda, ngenkathi ngibhala inothi ngalokhu, a—angiyikhumbulanga ncamashi incwadi okukuyo, kodwa ngi—ngiqinisekile ukuthi lokhu kuqinisele), ukuthi (enye yezincwadi engayifunda ngoMnu. Moody, uDwight Moody, eChicago; sinebandla elikhulu elilalele eChicago, futhi, kulobubusuku), ukuthi, uMnu. Moody, emva kokufunda amaRoma 7, wagijimela emgwaqeni, nendoda yokuqala ahlangana nayo, wathi kuyo, “Uyawazi umusa na?”

Nendoda yaphendula, “Umusa ubani?”

UMnu. Moody wathi, “Umusa kaNkulunkulu.”

³⁸ Ngakho, kwamxhuxhumisa kakhulu ngenkathi esebonile ukuthini, ukuthi umusa wawusehlukanise kanjani nomthetho, nokuthi kanjani, ukuthi ngxenyeni umusa owayidlalayo. Awu, manje, noma yini engifuna ukuyenza, yingenkathi... ngangibatshela njalo abantu, uma sengiwela umugqa, ngaPhesheya, ngiyothanda ukusukuma futhi ngicule.

Umusa omangalisayo! Umsindo omnandi kangaka,
Owasindisa olusizi njengami!
Umusa, umusa oligugu!
Okuningi komusa ukukwazi!

³⁹ “Ngokuba sisindiswa ngomusa; hhayi ngalokho esingakwenza.” Esingakwenza, noma ngabe yini esiyenzayo, akubalelwa kithi. Umusa yilokho okusisindisayo. “Nisindiswa ngomusa, ngokukholwa.”

⁴⁰ Ake ngenezele kulona wesiFazane, uMusa. Ake ngiMbeke eBhayibhelini, futhi, njengobizwa ngeNenekazi elingumkethwa, loNkosazana Musa engizokhuluma ngaye. Niyazi, iBhayibheli liyamemezela, lathi, “ENenekazini elingumkethwa.” Ukuthi, uma niqaphela, “khetha” livela egameni elithi “iNenekazi elikhethiwe.” INenekazi elilodwa, phakathi kwawo onke amanye amanenekazi, lakhethwa.

⁴¹ Njengokuthi, intombi yayizozala umzimba kaNkulunkulu, emhlabeni. Yayingowesifazane okhethiwe. UNkulunkulu waqoka uMariya.

⁴² Kanti, futhi, uNkulunkulu uqoke iNenekazi elikhethiwe, okunguMlobokazi waKhe. Ukhethiwe. Ngithemba ukuthi singamalunga alowo, kulobubusuku, ezweni lonke, esizweni sonke, njalo.

⁴³ Ukwenza ngomfanekiso lapha, ukukhombisa ubudlelwane boMlobokazi kuKristu, iNenekazi elingumkethwa: nokuthi Lalizolethwa kanjani kuYe; ukuthi Lalizovelaphi; nokuthi Lalizolethwa kanjani kuYe. IBandla lapha, ekufanekiseni ngokwenza esinakho ukukubuka, kufanekiswa ngokwenza ngowesifazane. Okungukuthi, owesifazane njalo uyisifanekiso seBandla, ngoba iBandla lithathwa njengoMlobokazi.

UMlobokazi, UnguMlobokazi weNkosi uJesu, iNdodana kaNkulunkulu.

44 Njalo, uma nizobhekisisa, bhekisisani izimo nokuziphatha kwabesifazane, futhi nizobona ukuthi ibandla likuphi.

45 Manje, lokhu, ezinye zaleziziphawulo zingabonakala zixakile kwabanye benu, kodwa siyagcwalisa eMlayezweni enginawo ovela eNkosini, engizama ukuwufinyelelisa kubantu. Niyabo? Bhekisisani yonke into kokwemvelo, ukuthi yenzeka kanjani, imvelo, futhi ibhekisiseni. Ihamba ngokuqinisekile nokomoya, futhi.

46 Manje, uma nizobona ukuziphatha kwabesifazane ezweni namhlanje, bhekisisani ukuziphatha kwebandla lezwe namhlanje. Bhekisisani nje. Kusobala, manje, kukhona futhi ukuziphatha koMlobokazi wokomoya, iBandla. Niyabo? Bhekisisani Lelo, futhi. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] Ngoba, elemvelo elibiza kanjalo, lizisho ukuthi linguMlobokazi.

47 Manje, ngiyacela angisho futhi ebandleni lendawo. Ningaphatheki kabi manje. Ngi—ngikhuluma kubo bonke phandle ezweni lonke, e, engikucabangayo, iNenekazi elikhethiwe. Ngakho uma lapho kwenzeka kuba nabefundisi phakathi lapha, ongavumelani, awu, thulani nje isikhashanyana. Niyabo? Qaphelani. Lalelani nje.

48 Qaphelani lesisimilo. Uma nibona abesifazane behamba bedlubulundela nje, benza nje noma yini abafuna ukuyenza, bhekisisani, ibandla lenza into efanayo. Qaphelani.

49 Kodwa bhekisisani nxa, uMlobokazi wokomoya, nxa Eseqala ukuba nemvuselelo, nxa Eseqala ukubuya futhi abe semgqeni Yena uqobo neZwi likaNkulunkulu. Bhekisisani-ke futhi, niyabo, ukuthi ikanjani imiBhalo, ngalesosikhathi, Kuyoba noMlayezo oshanelayo ukuba ubambe lowoMlobokazi, ubambe lowo wesiFazane, umKhethwa.

50 Ngokuba, njengezwe, uSathane, umdukisi owadukisa umlobokazi wokuqala, ukuba one kuNkulunkulu, ngokulikholwa ngokungesikho iZwi laKhe . . .

51 Futhi manje, namhlanje, njengoba sibona ibandla ngokwemvelo, evangelini lenu lokuhlakanipha, nihamba niqhela niqhelela kude neZwi, evangelini lenhlaliswano; sithola ukuthi abesifazane bezwe, emigwaqeni, amalunga elinjalo, uzithwala bona uqobo esimweni esifanayo somoya ozungezile. Ungeke wabatshele. Balahlekelwe yiwo wonke umqondo wokuziphatha kahle okuvamile, abantu abanakho. Niyabo? Futhi yile yondlela ibandla elinayo. Futhi ungalibona lihamba liqonda ngqo emkhandlwini wenkolo yonke yobukristu, ngokuyikho impela nje njenganoma yini ezweni, futhi liyongena ngqo eRoma lihamba ngokukhulu ukushesha, niyabo, ngoba kuprofethiwe. Futhi nanto. Lokho ngokuziphatha kwalo.

⁵² Kodwa manje-ke bhekisisani futhi eBandleni lokomoya, ukuthi likanjani leloqembu labantu, ababizelwe ngaphandle, abaKhethiwe, kuzo zonke izimvuselelo. KuMartin Luther, kwenzeka ngendlela efanayo enguqukweni. Kwenzeka into efanayo ngesikhathi sikaJohn Wesley. Kwenzeka into efanayo ngenkathi iPentecostal kuqala iqala. Baqathaza labo besifazane babuyela ngqo ukuba babesemgqeni neZwi, base-ke beshushumba. Nanto libuyela ngqo ngale enxushunxushwini. Kodwa manje-ke isikhathi ukuthi abantu sebelungele ukuma emgqeni, kukhona uMlayezo ophumayo, futhi bama emgqeni naWo.

⁵³ ULuther wayeyisithunywa sosuku olulodwa, sokulungisiswa, neBandla lama emgqeni ngqo nakho, abanye babo. Abaseleyo balo baqhubekela phambili. UWesley ufika nokungcweliswa, iBandla lama emgqeni ngqo nakho. IPhentekoste ifika nokubuyiselwa kweziphiwo, iBandla lama emgqeni nakho ngqo, umKhethwa walolosuku; lase-ke lishabalala, labuyela ngqo lasuka langena ebuhlelweni futhi laphuma ngqo nabaseleyo babo, bonke babo behlela ngqo ngasemgqeni.

⁵⁴ Manje, kodwa niyaqaphela, nxa abantu sebeqala ukuzama ukuba semgqeni neZwi, lapho kufika uMlayezo osefreshi uvela eZwini likaNkulunkulu, uqonde ngqo kubantu. Futhi bayawubamba lowoMlayezo futhi bame emgqeni, ngaso sonke isikhathi. Nje kukokukaNkulunkulu . . . Sinakho lokho.

⁵⁵ Sinemindeni. Yonke imindeni phakathi lapha inenkambo yalokho. Ngezinye izikhathi konke kuyonihambela kahle, iminyaka. Bese-ke khona manjalo, niyozithela ekuthwebulekeni lapho, sikusho kaningi eNingizimu lapha, “Uma lina, liyathulula,” nayo yonke into ihamba kabi. Nedlula esikhathini sasebusuku. Manje-ke kunokusa, bese-ke kuba nesikhathi sasebusuku. Yonke into ihamba ngokuqhubekayo.

⁵⁶ Umprofethi, uPawulu, lapha uyasho ukuthi owesifazane angephinde agane ize ife indoda yakhe yokuqala. Angephinde agane inqobo nje uma indoda yakhe yokuqala isaphila; yena, akukho mininingwane, nhlobo. Ufanele ahlale eyedwa inqobo nje uma indoda yakhe yokuqala isaphila. Futhi uma engahle enze isono esinjengaleso, “uyakuthiwa uyisiphingikazi.” Ngikhuluma ngokwemvelo manje, ukukufanekisa nokomoya. Uma lona wesifazane ebengenza isono esinjengaleso, khona-ke uphawuleka ngokuthi, “isiphingikazi,” uma enamadoda amabili aphilayo ngesikhathi esifanayo. Ngakho-ke, ulahlekelwe yilungelo, ngokwenza lokhu, amalungelo akhe kuNkulunkulu neZulu, ngokwenzenjalo. Impela ulahlekelwe. Ungoxoshwa emnothweni kaNkulunkulu, ngokwemiBhalo engisanda kuyifunda.

⁵⁷ Linjalo nebandla, uma lizama ukuxubanisa isivumokholo nehlelo neZwi likaNkulunkulu. Angegane ihlelo, futhi abe nguMlobokazi kaKristu, ngesikhathi esifanayo. Uzofanele abe ngofileyo kweyodwa noma enye. Umthetho usho njalo, lapha. Kunenqwaba yemithetho eZwini likaNkulunkulu. Nalowo ngumthetho waKhe, uPawulu ekhuluma into efanayo lapha. Angegane ibandla lesivumokholo sokwezwe, futhi abe nguMlobokazi kaKristu, ngoba (yena) omunye uphambene nomunye. Manje, khumbulani.

Bathi, “Awu, sikholwa *yilokhu*, kodwa asikukholwa *Lokho*.”

⁵⁸ Uma ugane uKristu, uKristu uyiZwi likaNkulunkulu. KuJohane oNgcwele, isahluko 1, kwathi, “Ekuqaleni wayekhona uLizwi, uLizwi wayekuNkulunkulu, uLizwi wayenguNkulunkulu. Nofanayo waba yinyama wakha phakathi kwethu.” UKristu wayeyiZwi eliphilayo. WayeyiZwi njalo. Useyilo iZwi. Uyoba yiZwi njalo. Wayengukubonakaliswa kuphela kwezingxenye ezingahlukaniseki zikaNkulunkulu, ngokuba WayeyiNdodana kaNkulunkulu.

⁵⁹ Futhi noma yiyiphi indodana iyizingxenye ezingahlukaniseki zikayise, futhi njengoba wawunjalo nje ezimbewini eziphuma okhalweni lukayihlo, emzimbeni kayihlo ngenkathi esengumfana omncane, wawukuye. Nokho, wayengeke aba nenhlanganyelo nawe, ngoba wayengakwazi. Kodwa manje-ke, ngezinkundla zokukhulela imbewu zikamama, wazalwa emhlabeni wase uba ngumfanekiso kayihlo, wase-ke ekwazi ukuhlanguyela nawe.

⁶⁰ Naninjalo nani, amadodana kaNkulunkulu namadodakazi kaNkulunkulu, kungakabikho ngisho nenyanga, izinkanyezi, noma umsuka wezinto imolekhuli. Naningamadodana namadodakazi kaNkulunkulu, ngokuba ningukubonakaliswa ngokomzimba kuphela kwezingxenye ezingehlukaniseki eyayikuNkulunkulu ekuqaleni. Ngokuba, sinye kuphela isimo sokuPhila okuPhakade, nalowo kwakunguwe, ngaphambili. Awazi lutho ngakho. Kanjalo wawungazi ngenkathi usekuyihlo wasemhlabeni, kodwa uyabonakaliswa e...ngomfanekiso wakhe. Wenziwa ngomfanekiso kaNkulunkulu, futhi wabonakaliselwa inkazimulo nenhlanganyelo kaNkulunkulu.

⁶¹ Futhi, ngakho-ke, njengokuqiniseke impela njengembewu yakho yokhalo yadingeka ibe kuyihlo, ngaphambi kokuzalwa kwakho kwemvelo, imbewu yakho yokhalo yokomoya yadingeka ukuba ibe kuNkulunkulu, ngoba wena ungukuvezwa kwezingxenye ezingahlukaniseki zemicabango yaKhe, ngaphambi kokusekelwa kwezwe. Kunjalo. Akukho-ndlela yokukuzungeza. Kunjalo. Manje, manje siyaqaphela, ke, lokho kuPhila kukuwe, ukuPhila kukaNkulunkulu kukuwe, kusukela ekusekelweni kwezwe.

62 Manje, manje, ungeke waxubanisa isivumokhoho sehlelo neZwi, ngoba kuphambene kakhulu, okunye kokunye.

63 Yilokho impela uSathane azama ukukwenza ngomqondo wakhe wokuhlakanipha kuEva. Wathi...wavuma ukuthi uNkulunkulu wakusho, kodwa wathi, "Nempela, aniyikufa." Niyabo? Futhi bayakukholwa lokho.

64 Futhi yilokho isivumokhoho esikwenzile, kulobubusuku. Ihlelo lehlukhanise abantu eZwini likaNkulunkulu. Akashongo yini uJesu, lapho Efika, "Nina, ngesiko lenu, niyenze ize imiYalelo kaNkulunkulu kubantu"? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Nangesivumokhoho sethu, sehlukhanise inhlanganyelo kaMoya oNgewele ukugcoba iZwi likaNkulunkulu elifaselwe ngaphandle ngomchilo kulesisizukulwane. Sehlukhanise abantu kanjalo, ngehlelo, ukuthi bangabinalo ithuba lokuLibona.

65 Manje, uNkulunkulu, Yena, zonke izizukulwane, Wenezela ingxenye entsha yeNcwadi yaKhe. Konke kuyahambisana.

66 Njengoba kwakhiwa umzimba wami. Ngitshelwa ukuthi waqala emhlandleni, kodwa wawungesiwo umhlandla wonke. Wasuka kulokho waya ezimbanjeni, futhi ukusukela emaphashini, futhi kuya ezandleni, nezingalo, nezinyawo, kanjalonjalo, futhi uphumela ekubeni ngumuntu enginguye.

67 Futhi noNkulunkulu wabonakaliswa kanjalo ekuqaleni. Futhi ekugcineni Wabonakala njengoJehova, uNkulunkulu uYise. Wase-ke ebonakala njengoNkulunkulu iNdodana, kuJesu Kristu. Manje Ubonakale njengoNkulunkulu uMoya oNgewele. UNkulunkulu ofanayo, sonke isikhathi, ukubonakaliswa okuthathu kukaNkulunkulu ofanayo—ofanayo.

68 Manje, siyathola kulokhu, ukuthi, isizukulwane ngasinye, uNkulunkulu wabele iZwi laKhe kusukela ekuqaleni.

69 Njengoba kwafika inguquququko nje. Njengento yokuqala nje uNkulunkulu ayidalayo, mhlawumbe, kwa... Asithi Wadala impilo yezimila, kuqala. Wase-ke Edala impilo yezilwane, okulandelayo. Wase-ke Edala impilo yomuntu, okulandelayo. Okuthi ukuba yinguquququko, kwenyuka kuya phezulu kakhulu.

70 Ngakho kubenjalo kuNkulunkulu neBandla laKhe. Ukungeweliswa phansi kukaLuther. Sanct... Lokho ngukudonsela uMlobokazi waKhe ngaphandle, manje. Udala uMlobokazi waKhe. Ukulungisiswa phansi kukaLuther; ukungeweliswa phansi kukaWesley; kanjalonjalo, niyabo. Yena, inguquququko kaMoya inikezwa kakhulu kakhulu, ngoba uMzimba uyakha, uza eNhlokweni, enguKristu, uMzimba kaKristu.

71 Manje, Yena, njengowesifazane, uma Egane uKristu iZwi, Angegane ihlelo lebandla ngesikhathi esifanayo, ngokuba

uboshiwe yikho. Uyaku... anghlale nawo omabili amadoda ngesikhathi esifanayo. Aphambene, enye kwenye. Eyodwa ngethunyelwe nguNkulunkulu, enye ngeyenziwe ngumuntu, ngakho aphambene. Wathi, “Onke amazwi omuntu ngawabe ngamanga; awaMi abe yiQiniso.” UNkulunkulu washo lokho.

⁷² Kuphambene kakhulu impela nje okunye kokunye, njengoba umthetho wawunjalo emseni, njengoba uPawulu ekhuluma ngakho lapha. Enye ifanele ife, ukuze abe nenye. “Futhi uma ezama ukuwaxubanisa, uyakuthiwa yisiphingikazi.” O! Kucabangeni. New York, Arizona, esizweni sonke, kucabangeni. UNkulunkulu wathi, “Uma ezame ukugana omabili ngesikhathi esifanayo, uyakuthiwa yisiphingikazi.” Siphingikazi sini esingangena eZulwini na? UNkulunkulu ubenganganwa yisiphingikazi na? Impela qha. Wasicela ukuba singakwenzi. “Uyakuthiwa yisiphingikazi.”

⁷³ Manje-ke, abantwana bakhe, uma eyisiphingikazi, abantwana bakhe ungowangaphandle komshado. Ongaphandle komshado! Ongaphandle komshado kukuphi na? Hhayi ebandleni, kodwa eZwini. Ungongaphandle komshado. Isithombe esinje saleziZambulo 3 lapha, sowonyaka webandla wokugcina, waseLawodikeya! Iqembu elinje pho labangaphandle komshado! Ukuxoveka okunje pho kwehlelo! Abasivivi, beqhubeka futhi bezibiza ngamaKristu, futhi baphike iZwi likaNkulunkulu, “Benesimo sokumesaba uNkulunkulu, kepha amandla akho bewaphika,” njengoba umprofethi wathi bayoba njalo.

⁷⁴ Umshado uyisimiso esidala kunazo zonke ezweni. Umshado wenziwa kuqala, futhi wamiswa, ensimini yase-Edene.

⁷⁵ Owesifazane uphathiswe izimilo ezithize angafanele azingcolise. Owesifazane wethenjwe ngalokho. Akukho-sidalwa emhlabeni esinjengowesifazane. Akukho-njakazi, akukho-sikazi lanoma yiluphi uhlobo, oluphathiswe isimilo owesifazane ayiso.

⁷⁶ Owesifazane wayengekho ngisho nase—sekuqaleni kokudaliweyo, ngoba uNkulunkulu wayazi ukuthi uyokuwa. Konke okunye okungamasikazi kwakungeke kuphinge. Nguye kuphela ongaphinga. Ukuba wayenziwe njengowasekuqaleni, lokho kwakungeke kugcwalise ekuhlakanipheni okukhulu kukaNkulunkulu. Niyabo? Wenziwa waba ngumkhiqizo ovele kamuva wendoda.

⁷⁷ Kodwa ngoba wakhishelwa ngale kulolohlangothi, unikwe futhi isiyalezo esingcwele esivela kuNkulunkulu, sokuhlangwa. Unezimilo angafanele azingcolise.

⁷⁸ Uma eke wazona, usengcole impilo yonke. Akunandaba ukuthi uthethelelwe kangakanani, angeke alungisiswa. Ngizogadla kulokho kancanyana. NginomBhalo kulokho, emizuzwini embalwa. Angathethelelwa ngokungcola kwakhe,

kodwa angeke alungisiswa kulempilo. Kuhlala njalo kunaye. Qaphelani manje. Uphiwe lokhu. Angathethelelwa, kodwa hhayi ukuthi alungisiswe.

⁷⁹ Umzimba wakhe uphiwe yena, ukwethenjwa okungcwele okuvela kuNkulunkulu. Akukho-njakazi, akukho-nyoni, asikho esinye isilwane, asikho esinye isidalwa esinjalo. Qhabo. Nguye kuphela. Ngakho, u. . . Isizathu sokuba kube ngcwele kangaka, uzozala ukuphila emhlabeni. Umzimba wakhe uyizikhulisela-mbewu zokuphila, ngakho-ke yingalesosizathu ephiwa lokhu ukwethenjwa okungcwele.

⁸⁰ Manje nakhu lapho eningaphikisana khona, abaningi, nina bosiyazi bezenkolo. Yilokho okwangcolisa sonke isintu, yilokho kuphinga ekuqaleni. Isikhulisela-mbewu sakhe soniwa. Wazala lawomawele, uKayini noAbela. Isenzo esisodwa, abantwana ababili. Hlolani imiBhalo. Ehhe.

⁸¹ Qaphelani manje. Sithola ukuthi umzimba wakhe uyizikhulisela-mbewu, futhi ngakho-ke ngukwethenjwa okungcwele, ukuba kungangcoliswa lokho. Manje, ngiyakhuluma manje, ngiletha lokhu emfanekisweni ngokwenza, ukunikhombisa ukuthi iBandla limi kuphi. Angikhulumi ngani besifazane. Noma ngabe niyini, lokho kuphakathi kwenu noNkulunkulu, noma nina besilisa. Kodwa ngikhuluma ngeBandla noKristu.

⁸² Manje, lokhu ukuphiwe, ukuba azale ukuphila okungaphiwa nguNkulunkulu qobo lwaKhe kuphela. Indoda yakhe ingahle ibe ngumthwali wembewana, kodwa uNkulunkulu uzoveza ukuphila. Kunjalo. Kuzofanele kufike. Konke ukuphila kuzofanele kuvele kuNkulunkulu. Noma yikuphi ukuphila kuzofanele kuvele kuNkulunkulu. Kuphendukezelwe, futhi yilokho okukwenza kube nesono, kodwa ukuphila kuzofanele kuvele kuNkulunkulu. UnguMqalisi wokuphila. Manje une sac- . . . eyodwa . . .

⁸³ Ngifuna ukubalula izinto ezintathu lapha angafanele asuke kuzo. Manje, ngiyakhuluma, gcinani ibandla engqondweni ngisakhuluma lokhu kowesifazane wemvelo, njengoba uPawulu enjalo lapha, esahlukweni 7 sakwabaseRoma.

⁸⁴ Unokwethenjwa okungcwele kobumsulwa anikelwe khona yiNkosi yakhe, ubumsulwa obuthize. Akukho lutho olunye olubuphethe kodwa owesifazane. Kunjalo. Lokho ukunikelwe nguNkulunkulu. Akafanele abone lobobungcwele obumsulwa.

⁸⁵ Uma enza ngisho into ethize eyiphutha, ufanele akuvume lokho endodeni yakhe ngaphambi kokuba imthathe, futhi akulungise. Okufanayo njengebandla elaligane umthetho, lizofanele lize futhi phambi kukaKristu, ngaphambi komshado wesibili. Uzofanele akuvume lokho. Uma engakwenzi, futhi ahlale nendoda yakhe iminyaka eyishumi bese-ke ekuvuma,

inelungelo lokumlahla futhi iganwe ngomunye wesifazane. Lowo ngumBhalo. Ukuhlobonga kungukuphila okungcolile.

⁸⁶ “Josefa, ungesabi, thatha uMariya umkakho, ngokuba lokho akukhulelweyo kungokukaMoya oNgcwele.” Wayezindla ngokumlahla ngasese, niyabo, emva kokuba wayesevele ethembisene naye. Uma uthembisene naye, ngokukaNkulunkulu, usumshadile.

⁸⁷ Qaphelani manje. Unethemba elingcwele lobumsulwa anikwe lona, lethenjwe kuye yiNkosi. UNkulunkulu wamnika lobobumsulwa. Njengoba kwakunjalo nje ensimini yaseEdeni, angathi “yebo” noma “qhabo.” Unethemba elingcwele lobufazane elinikelwe kuye, angafanele alephule. Ubufazane engikhuluma ngabo lapha ngukuziphatha kwakhe, isimilo sakhe ngakwabesilisa. Engavumeli bonke abesilisa. . .

⁸⁸ Ubuka kulezizibuko bese ebona lezizingcweti zamabhayisikobho ziqabula, nokugonana, nokuchitha, nangapha nangapha, phezu kwalaba besifazane. Owesifazane owenza lokho, ungowesimilo esibi. Angahle abe ngonobumsulwa, ngenye indlela. Kodwa, niyabo, enhliziyweni yakhe. . . Uma, lezozindlala, izindlala zocansi, zizezindebeni. Owesilisa eqabula owesifazane, empeleni yena, sekungashiwo, uphingile. Izindlala zocansi zizezindebeni zowesifazane nasezindebeni zowesilisa. Angamqabula esandleni, kungexubane ngezindlala zabo zocansi. Kodwa izindlala zocansi isezindebeni. Nokubona wonke lombhedo e—eHollywood namhlanje, wakho konke lokhu ukuchitha nokuthanda ngapha nangapha nabesifazane, nokunjalo, namantombazane amancane ekubuka konke lokho. Akumangalisi izimilo zethu zibolile futhi zidleka, namanyala, niyabo, ngoba kubekwa phambi kwabantwana. Kunjalo. Kuzofanele kube ngaleyondlela ngokosuku lokugcina.

⁸⁹ Manje gcina ibandla lisengqondweni. Uyaqabula futhi uyachitha, futhi ehamba exuba kuyoyonke into ngaphandle kweZwi, evumela uDeveli, nemfundo nezicwaningo zesayense, nokunye nokunye.

⁹⁰ Kanti, okwesayense, imfundo, yonke into, ngokoqobo iphambene noNkulunkulu. Yonke inqubo yempucuko esinayo manje ngokoqobo ingumphikikristu. Inqubo yezemfundo ingumphikikristu. Impucuko ingumphikikristu. Iphambene noNkulunkulu. Wena uthi, “Iphambene nempucuko na?” UNkulunkulu uzoba nempucuko, ngolunye lwalezizinsuku, engayikuba nakufa okumataniswe nayo. Lempucuko yesimodeni ifika ngoSathane. Ngizokufakazisa lokho kini, uma iNkosi ithanda, kulobubusuku, eBhayibhelini. Zonke lezizinto zingezikaSathane. Impucuko yethu entsha ayiyikuba nakho nokukodwa kwalokhu kuyo.

Unalobubufazane obungcwele.

⁹¹ Akumangalisi ukuthi abesilisa benza ngakwabesifazane ngendlela abenza ngayo, yingoba abesifazane benza ngakwabesilisa ngendlela abenza ngayo. Uzenza isimilo phandle lapha egqoke ipheya lezikhindi, nokumpintshe isikhumba, nezingubo zabelilisa nezinto, phandle emgwaqeni, ehamba etshikiza. Akunandaba ukuthi uthini, angahle abe ngomsulwa endodeni yakhe ngakho konke, kodwa, ebusweni bukaNkulunkulu, “Uyisiphingikazi.” Obuka owesifazane amkhanuke usephingile naye vele enhliziyweni yakhe.” Futhi uziveze yena abe yilokho.

Futhi yilokho impela ibandla elikwenzile nezwe.

⁹² Qaphelani. Lokho unikelwe khona: ubumsulwa obungcwele, ubufazane obungcwele, bese-ke kuba ngubumama obungcwele, uhlonipha indoda yakhe.

⁹³ Bukani nje namhlanje. Emadolobheni athize, amadolobha amaningi, banamaphathi ngisho amakhulu kulokho okubizwa ngomphakathi, amalunga ebandla, nawo. Abeke izigqoko zawo phansi, bese edakwa onke bese ephosa okhiye bawo kuso. Owesifazane ngamunye ahambe bese ecosha ukhiye esigqokweni, ngowesilisa azohlala naye ngempelaviki. Zonke izinhlobo zamaphathi anjalo! Okungukuthi, nginokuningi kakhulu ukukusho lapha, uma iNkosi ithanda, anginasikhathi sokungena kukho. Ukungcola okunje pho!

⁹⁴ Nebandla libi nje impela, kunjalo, liphinga nayoyonke into, futhi alinamsebenzi wokungena kukho. Lifanele lihlale neZwi.

⁹⁵ Izakhiwo zilungile. Izibhedlela zilungile. Zonke lezi ezinye izinto zilungile. Izinhlelo zemfundo, konke lokho kulungile. Sifanele siphile lapha, sifanele sifunde, sibhale. Lokho ngokunye kweminoto.

⁹⁶ Njengokuthi, sasingafanele ukugqoka noma yiziphi izingubo, ekuqaleni. Ngizoshumayela ngalokho, kamuva kuleliviki, iNkosi ithanda. Kodwa sesidingeka sigqoke izingubo ngoba uNkulunkulu wasinika izingubo. Kodwa, ekuqaleni, sasingazingi. Sasimbozwe ngeveyili.

⁹⁷ Manje usembozwe ngeveyili esonweni sakhe. Akazi ngisho nokuthi uyona, niyabo, njengoba wayenjalo ngaleyonkathi. Nge...Manje umbozwe ngeveyili nguDeveli; ngaleyonkathi wayembozwe ngeveyili nguNkulunkulu. Umehluko wakho.

⁹⁸ Manje sithola ukuthi unikwe lokhu ukwethenjwa okungcwele angafanele akwephule: kobufazane, isenzo, abenesimilo sakhe, akhulise abantwana bakhe, abe ngohlomphekile endodeni yakhe.

⁹⁹ Izinsuku zamanje, bakunaka kakhudlwanyana kunalutho ezweni. Aniboke nihlale eofisi lami ngesinye isikhathi futhi nibone abesilisa bengenisa omkabo, lapho abazama khona ukulungisana noNkulunkulu futhi bavume bonke abesilisa

abahlala nabo, nayoyonke enye into, selokhu bashada. O, wena uthi, “Lokho yi. . .” Qhabo. Lokho ngamaPentecostal. Ehhe. Abanye abayikuza. Ngakho yi. . .

¹⁰⁰ Ngikhuluma ngokuthi kungasuka kanjani, uma nithola ukuxubana nezwe, ibandla, nazozonke izimfashini nezinto esinazo. Asisafani njengoba yayinjalo iPhentekoste yasekuqaleni kunoma imini injalo ebusukwini. Sishushumbe saya ndawo ndawo, sangena kwenye inxushunxushu emnyama ndawo ndawo, futhi salahleka.

¹⁰¹ Ukwethenjwa okungcwele okanje pho! Isibopho esinje pho kowesifazane! Manje bonani ukuthi kungani eyisifanekiso seBandla, elinesibopho esifanayo. Njengoba owesifazane enesibopho esingcwele kubumama bakhe, ebumsulweni bakhe, endodeni yakhe, iBandla linesibopho esingcwele emkhulekweni naseZwini, nakuKristu, siyafana nje njengoba owesifazane enaso.

¹⁰² Futhi njengoba owesifazane eshushumba nomunye wesilisa; uma ibandla lichezuka kulezizinhlelo zezikhungo, nezinhlelo zokwakha nezikole, nokunye nokunye. Angimelene ngalutho nazo. Zilungile. Zifeza inhloso yazo. Kodwa azi. . .

¹⁰³ UJesu akazange athi, “Hambani, nenze izikole.” Wathi, “Nishumayele iZwi.”

¹⁰⁴ Yilapho bengaLinaki khona. Bangenzi izikhungo, izibhedlela, nokunye nokunye. Lezo zilungile, kodwa lowo akusiwo umsebenzi omiselwe weBandla. Umsebenzi wabo omiselwe ngukushumayela iVangeli, kodwa senze yonke enye into ngaphandle kwalokho. Futhi sishushumbe sangena, njengoba kwenza uSathane nje, futhi sakuxubanisa nelinye iVangeli, enye into, nenye into, sekuze kwathola isibumbatha sokungelutho. Inkohlakalo, ngisho nalo lonke elethu, lonke izwe! Bhekisisani inkambiso yezwe.

¹⁰⁵ Ngifunda i*Readers Digest*, lapha kungekudala, lapho amantombazane asemancane engena khona ekunqamukeni ukuya esikhathini, nabesilisa, ukushintsha kwempilo, phakathi kweminyaka engamashumi amabili namashumi amabili-nanhlanu ubudala. Bangena ebudaleni babo obuphakathi nendima. Inkohlakalo, (ngani na?) ngenxa yocwaningo lwesayense lokudla nezinto okubhidlikile, kusuka ezintweni zemvelo ebesifanele sizifake emzimbeni wethu. Asilutho kodwa isigejane senkohlakalo efayo.

¹⁰⁶ Manje, liyilokho-ke ibandla, nalo. Lisesimweni esifanayo.

¹⁰⁷ Liyisifanekiso. Linobumsulwa obuligugu obufanayo ngoMoya, Elibunikiwe, ukulondoloza uMoya neZwi, futhi lingaphingi neze nanoma yini yezwe kumbe noma yini. Lihlale liyintombi eZwini, njengoba owesifazane enjalo ukuba ahlale enobumsulwa endodeni yakhe. Kungukwethenjwa okungcwele, ukuhlonipha iZwi leNkosi yaLo phezu kwazozonke

izivumokholo ezenziwe ngumuntu, ukuhlakanipha, ihlelo elikhona. IBandla linikwe lokho kwethenjwa.

¹⁰⁸ Uma bethi, “Awu, ibandla lami...” Angikhathali ukuthi ibandla lakho likholwa yini. Uma liphambene neZwi likaNkulunkulu, deda kulo.

¹⁰⁹ IBhayibheli lathi, “UJesu Kristu nguyena izolo, namuhla, naphakade.” UMarku 16 wathi, “Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo.” Uma ibandla lishumayela okwehlukile kuLokho, ningakwenzi. Niyafa kuleyonto. Nizalwe ngokusha, eZwini likaNkulunkulu. “Hambani niye ezweni lonke futhi nishumayeke iVangeli kukho konke okudaliweyo.” Lalizohamba lize lifike lapho-ke. “Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo, ezweni lonke, nakho konke okudaliweyo okuyokholwa.” Niyabona ukuthi sisuke kanjani kuLo na? Impela. Kodwa Libophezeleke kuLo.

¹¹⁰ Kodwa manje bukani ukuthini, iHollywood, ithathe izinto zobumsulwa kwabesifazane bakithi.

¹¹¹ Ngihlezi lapha ngibuka owesifazane omdala othandekayo, uDadewethu Schrader, abaningi besifazane lapha, nasemuva, noDadewethu Moore ngapha, abesifazane abadala kunabanye okhumbulayo iminyaka embalwa edlule. Uma umama wabo, noma ngisho bona, babengaphumela emigwaqeni, indlela abanye balaba besifazane abahamba ngayo namhlanje, amalunga ebandla, babeyombopha owesifazane ngokuba wuhlanya. “Ukhohlwe ukugqoka isiketi sakhe.” Awu, uma kwakuwuhlanya ngaleyonkathi, wuhlanya manje.

¹¹² Awu, bukani, izwe lonke liyafakazisa ukuthi wuhlanya. Bukani ukubulala nezinto okuqhubekayo manje ezweni. Niyabo? Ubuhlanya!

¹¹³ Yonke into izela ukugcwalisa iZambulo. Singahle sifike kukho, ngaleliviki. Lapho, lezozinto ezesabekayo, lezo akusikho okwemvelo. Lokho yizinto zokomoya, okwenza abantu badazulukele amadwala nezintaba, nayo yonke enye into, ukuba kuwele phezu kwabo.

¹¹⁴ Obuphelele, ubuhlanya uqobo lelizwe eliyongena kubo, khona nje, sebucishe impela bube khona manje. Ngani, niyazibona izinyathelo zabo. Nampo. Bu—bumasha buphumela emigwaqeni ngqo, behle ngqo ngesihlalo sasesontweni, ubuhlanya uqobo, benza izinto isidalwa esingumuntu ebesingeke sacabanga ukubenza futhi sibe ngesiphucukile.

¹¹⁵ Bukani ukuthi iHollywood yenzeni kowesifazane. Bukani ukuthi injani. Iphange ubumsulwa obungcwele bowesifazane. Kuqhubeke njalo njalo, besingahamba. Niyabo?

¹¹⁶ Konke lokhu wakulahla. Wakwenza kanjani na? Ngoba kwakukhona ithuluzi lobuqili elibizwa ngebandla, njengoba lalikhona ensimini yase-Edene. Umuntu onobuqili, uDeveli,

wahamba wangena ebandleni njengoba nje enza ensimini yase-Edene, futhi wamkhohlisa kukho. Ukhohlisiwe. Owesifazane uyacabanga; akaqondile ukuba nephutha.

¹¹⁷ UEva wayengaqondile ukwenza okungalungile. Kwakungesikho okwamabomu. Kodwa u... IBhayibheli lathi, kuThimothewu wesiBili, uThimothewu wokuQala ese 3, "Wakhohliswa." Nokuthi *khohlisiwe* akusikho ngenkathi ukwenza ngamabomu. Kungenkathi ukhohliswa ekukwenzeni.

¹¹⁸ Futhi yilokho impela nje okwenzeke namhlanje. Ukhohlisiwe, ngetelevishini, ngephephabhuku, ngalababantu, laba, zonke lezizinto ezinhle abazihambayo, phandle emgwaqeni. Amantombazane esimodeni, abuka amaphephabhuku futhi abuka izithombe. Abuka emgwaqeni. Abona izingubo zokugqoka ezitolo. Ukuthi ukanjani uSathane, lelothuluzi elikhulu lesi—lesihogo, lehlele phakathi kwabantu futhi labakhohlisa kulezizinto! Nowesifazane ucabanga ukuthi ukahle. Futhi ufile, futhi akakwazi. Ukude noNkulunkulu. Niyabona ukuthi ukulahle kanjani konke lokhu, nokuthi kwakunobuqili kanjani na?

¹¹⁹ Namhlanje, ngifuna niqaphele. UJesu wakhuluma ngakho. Futhi, uma ningathanda ukukufunda, uJesu wakuphatha ukuthi lento iyofezeka (Benikwazi lokho na?) emahoreni aKhe okugcina, ngaphambi kokubethelwa kwaKhe nje. Asikufunde nje, uLuka oNgcwele, i—isahluko 23, futhi okwesikhashana nje, njengesifundo sikaSonto sikole. Kuqala ngevesi 27, ngikholwa ukuthi nginakho kumakwe lapha. UJesu eya eKalvari. Lalelani njengoba ngikufunda. Kulungile. ULuka oNgcwele 23:27, ngiyakholwa, yilapho esinakho. Inothi lami linakho ngaleyondlela. Ya. Nakhu.

Kwamlandela isixuku esikhulu sabantu, kukhona nabesifazane, ababemkhalela bemlilela.

Kepha uJesu ephendukela kubo wathi, Madodakazi aseJerusalema, ningangikhaleli mina, kodwa zikhaleleni nina, nabantwana benu.

Ngokuba, bhokani, kuyeza usuku—izinsuku, abayakusho ngazo ukuthi, Zibusisiwe izinyumba, nesizalo ezingazalanga, namabele angancelisanga.

¹²⁰ Cabangani, namhlanje, ihlazo kuye ukuba abe nomntwana. Niyabo?

Khona bayakuqala ukuthi ezintabeni, Welani phezu kwethu; nahi-... nasemagangeni, Sisibekeleni.

Ngokuba uma benza lokhu emthini oluhlaza, bayokwenzani kowomileyo na?

¹²¹ Kukhuluma ngosuku ukuthi lapho abesifazane bengasayikufuna abantwana. Bafunainja noma ikati, noma into efana naleyo, kodwa akasabafuni abantwana. Ngani na?

“UnguMama Hubbard omdala uma enomntwana.” Niyabo? Akafuni. Lokho yi—lokho yiziphawulo zeHollywood. Ayimfuni owesifazane wakhe ukuba abe nguMama Hubbard omdala. Ngakho uyo, iyoba nokuhlinzwa okuthize okwenziwa kuyo uqobo noma yena, oyedwa, okuyobavimba ekubeni nabantwana. Abafuni bantwana.

¹²² UJesu wakhuluma ngakho. Futhi Wathini na? “Ngalesosikhathi bayoqala ukukhala emadwaleni nezintaba ukuba ‘Kuwele phezu kwethu.’”

¹²³ Uyohlela umndeni, ukuze akwazi ukuya emaphathini. Ngeke ahlushwa yingane eyincelisa. “Iyomenza angabi nafiga. Uma ekhulelwe, kuyobanjalo, kumenza angabi nafiga. Akayikubukeka njengoba wayevamile.” Nendoda yakhe, ingazi ngokwenele ukumdedela ahambe ngaleyondlela. Akayikuyinika mntwana.

¹²⁴ UJesu wakhuluma ngakho. Futhi Washo, ukuthi, “Ngenkathi babenza lokhu, ngalesosikhathi bayohamba ukuba bakhale ngaleyonkathi ukuba amadwala awele phezu kwabo.” NgukuFika kweNkosi.

¹²⁵ Bakhokha izamba ezinkulu zemali yamakati, izinja, ukuba babengumama kuzo. Kunjalo. Ufanele abe ngumama entweni ethize, ngoba kuyimvelo enikezwe nguNkulunkulu kuye.

¹²⁶ Ngियाqaphela. Ngizingela inyamazane enkulu. Ibhere elidala ekwindla yonyaka, uma lizaliswe yibhere leduna, linamawundlu ngaleyonkathi elizelwe. Angamawundlu amahle angusayizi okahle, mhlawumbe asinda amaphawondi ayikhulu noma ngaphezulu. Liyowenza ahlakazeke ngokushesha futhi azilalele ubuthongo bobusika bonke, ngoba lizozala elinye futhi iwundlu. Azalwa ngoFebruwari. Ibhere alazi lutho ngakho.

¹²⁷ Azalelwa emasakeni amancane. Ukuthi uNkulunkulu uwavulisa kanjani lamasaka amancane, qobo lwawo, elincane...njengesaka elincane lephepha elifana nengilazi. Athola indlela yawo ngapha nangapha. Umama wawo ulele-zwi. Akaze adle noma yini kusukela ngoOktoba, futhi lona nguFebruwari. Ayafika bese emncela kuze kube phakathi noMeyi.

¹²⁸ Bese-ke nxa libona amawundlu alo, angamawundlu amahle angusayizi okahle. Asinda mhlawumbe ishumi nanhlanu, ishumi noma amaphawondi ayishumi nanhlanu ngalinye. Alincelile. Ukuthi liluthola kanjani ubisi, lowo ngumqondo kaNkulunkulu. Liyaphila, lona uqobo, futhi liveza ubisi lwamawundlu.

¹²⁹ Futhi uma-ke ukuzala kwalo kungenzeki, futhi lingenamawundlu, liyowazingela unyaka...amawundlu angonyaka odlule, bese liba ngumama kuwo ihlobo lonke, ngoba ngukuzibonela kwemvelo kwalo elikunikwe nguNkulunkulu. Lizofanele libe ngumama entweni ethize.

¹³⁰ Futhi uma owesifazane engenakuba nangane yendoda yakhe, uyothathainja noma ikati, noma into ethize. Uzofanele abe ngumama kokuthize. Yimvelo. Kodwa ukuzala umntwana wendoda yakhe, futhi amkhulise ukuba akhonze uNkulunkulu, lokho konke kuphumile nya emgqeni wakhe. Ufanele. O, uyo. . . O, uyoba sehla zweni kakhulu, uma ekwenzile, ngomphakathi wakubo othanda isono waloluhlobo lwabesifazane baka 1965.

¹³¹ Isithombe esiyiqiniso sebandla lesimodeni namhlanje! Kanjalo nebandla lesimodeni alifuni nanoma yikuphi kwalokhu lapha; ukudazuluka, ukumemeza, ukukhuluma ngezilimi, iZenzo 2:38 abantwanyana ngakuye. Ya. Ya. Niyabo? Ya. Akafuni nayikuphi kwalokho kukhaliswa yinjabulo, nokukhala, nokudazuluka, “Amen! Haleluya!” Ngani, umntwana onje ubengamkhipha masinyane ehlelweni lakhe. Babenaye oyedwa onjalo kwelinye lamabandla, ngani, bebeyomkhipha ngokukhulu ukushesha.

“Nizivumelelani izinto ezinjalo njengale ziqhubeka na?”

¹³² Ngakho, niyabo, ukhulelwe into ethize, ngoba uzala amalunga ngasosonke isikhathi. Kodwa akafuni namunye walabo bedazuluka, bempongoloza, bewushuza, iZenzo 2:38, izidalwa ezilusizi acabanga ukuthi bayizo. Bekuyomphoxa ngempela. Bekuyomona nelakhe elifundisiwe, elesayense ephathelene nenkambo elungileyo, ibandla lomphakathi wesayense ayesonta kulo lapha. Bebeyomphosa phandle, emkhandlwini olandelayo. Angeke abanaye. Ngakho akafuni ukukhuleliswa yiZwi, ngoba yiloluhlobo kuphela iZwi elingaluzala.

¹³³ Elizalwa nguMoya kaNkulunkulu, linoMoya kaNkulunkulu kulo. Akukho kujoyina sonto okuhlakaniphile nokuya esivumweni kholo, izinwele eziphunguliwe, ubuso obupendiwe; ayikho into enjengaleyo kukho konke okwaLo. Anikutholi lokho eZwini likaNkulunkulu. Nithola oyifeshini endala, ongcwelisiwe, umntwana ongcwaliswe ngoMoya ongcwele, ozalwa nguMoya kaNkulunkulu, odazulukayo, ompongolozayo, omemezayo, edumisa uNkulunkulu.

¹³⁴ Lokho kuphume nya ekufinyeleleni kwakhe. Akakufuni Lokho. O, qhabo, mnumzane! Qhabo, nhlobo. Wenzani-ke na? Ngakho uzala ipheya, ubuso obupendiwe, ogqoka izikhindi, umphakathi kaJezebele, azalwe ngaphandle komshado “amakati,” bababiza kanjalo, ngicabanga ukuthi yikho. Niyabo? Ngicabanga ukuthi bakubiza ngamakati. Niyabo? “Awubheke lelokati lihamba laphaya,” basho njalo, noma into efana naleyo, niyazi.

¹³⁵ Wazalwa, noma wagana, waxhumana nendoda yakhe yokuqala, uAdamu wokuqala, ngomfazi ophingayo, uEva, umfazi wokuqala kaAdamu. Wena uthi, “Ophingayo na?” Impela waphinga. Kodwa, o, uzisho ukuthi loAdamu, loAdamu

wokuqala, ufile. “O, impela, wafa kudala. Sengizelwe ngokusha, futhi,” wathi, “futhi impela ngigane uAdamu wesiBili, uKristu, iZwi.”

¹³⁶ Kanjani na? Qaphelani ukuthi uthandani. Bhekisisani isithandwa sakhe, nifuna ukubona ukuthi uthandana nobani. IZwi lisho *Lokhu*, kodwa wathi, “Ibandla lami lisho *lokhu*.” Manje-ke uthandana nobani na? Ubani indoda yakhe na? Izithelo zakhe uqobo ziyafakaza ukuthi uyini. Kunjalo impela, kuyakhombisa ukuthi uyini. Qaphelani. Wazalwa, kuqala, kuAdamu, ngoba lokho ukuzalwa kwakhe kwemvelo. Niyabo? Futhi akazange akushiye lokho. Leso yisithandwa sezwe. Uzisho ukuthi uzelwe okwesibili, kuKristu. Kodwa isithandwa sakhe, qaphelani, nguAdamu, nokho, ngoba uthanda izwe.

¹³⁷ Futhi enye—enye into, qaphelani ukuthi hlobo luni lwabantwana aluzalayo. Lokho kuyasho ukuthi ubani ubaba wabo, noma ngabe nguAdamu wokuqala noma uAdamu wesiBili. Uma iBandla lizala umntwana kaAdamu wesiBili, wenza ngendlela kaAdamu wesiBili yokwenza, njengoba benza ngoSuku lwePhentekoste. Lowo ngempela ngabantwana bangempela baka Adamu wesiBili. Niyabo? Kunjalo. Imvelo yabo injengeyakhe neyakhe owesifazane. Yebo, mnumzane. Amadodakazi akhe, apende ubuso, aphungule izinwele, egqoka izingubo zabelisela, amabhulukwe. IBhayibheli lathi ngaye “angakwenzi.” Ugunda izinwele zakhe. “Kuyihlazo kuye.”

Wena uthi, “Thula, kulokho.”

¹³⁸ Yilokho iZwi elikushoyo. Ngikhomba imvelo kuphela. Yilokho akwenzayo.

¹³⁹ Amadodana akhe, amadodana akhe azalwa nguye, athembela emfundweni, ekufundeni esikoleni, iBhayibheli-sikole ethize, esibizwa kanjalo, ikholiji elikhulu elithize elifanele ngabe kudala, liwachamusela, ohlobweni oluthize lwesitayela lomshini wokuchamuselisa. Abafuna ihlelo, abanenkolo efananekaKayini, abazalwe ngaphandle nje komshado eZwini njengoba uKayini wayenjalo; kunjalo, njengobubi nje, abazalwe ngaphandle komshado njengoba uKayini wayenjalo, impela, abafuna ihlelo. Niyabona ukuthi kuyini na?

¹⁴⁰ UNkulunkulu akazange ahlele ihlelo. Ubehlala njalo ephambene nalo. IZwi laKhe liphambene nalo.

¹⁴¹ Kodwa babambelela ngqo kulo, ngakho niyabona ukuthi bazalani. Lokho kukhombisa ukuthi ubaba wabo nomama ngubani. Impela. Impela. Bazalwe ngaphandle komshado nje njengoba uKayini wayenjalo. Yilolohlobo lomntwana aluzala kuEva. Basuka eZwini, manje-ke niyabona ukuthi wazalani. Yilokho impela nje ibandla elikuzalile, into efanayo.

¹⁴² Ngingakufakazisa kini, ngeZwi, ukuthi yilapho imfundo nempucuko ivela khona, ngoKayini. Kunjalo impela. Ngokuba bazisho ukuthi. . . Kodwa ba—bazisho ukuthi bangamadodana

kaNkulunkulu, kodwa bazalwa yihlelo, abafundiswe kakhulu esikoleni sehlelo, yonke enye into. Kunjalo impela. Ubuqili, ukuba simati! He! Yayinjalo nenyoka, uyise. Kunjalo. Banobuqili nje futhi bangabashumayeli besayense njengoba uKayini wayenjalo. Niyabo? Kuyinto efanayo impela.

Wena uthi, “Mfowethu Branham, yiqiniso lelo na?”

143 Phenyani kuGenesisi 4:16 futhi nithole. Buyelani lapha kuGenesisi 4:16, umzuzu nje, nizothola ukuthi kwenzeka kanjani.

Wayesesuka uKayini ebusweni beNKOSI, wahlala ezweni laseNodi, ngasempumalanga kwase-Edene.

UKayini wamazi umkakhe; wakhulelwa, wazala uEnoke: wakha umuzi, wawuqamba igama lomuzi, nge . . . ndodana yakhe, ukuthi uEnoke.

144 Kwehlele njalo kuThubali, kwehle njalo, ngokuba baqala, kufika abaqambi bezinsimbi, umnyuziki, nokunye nokunye. Impucuko ifika ngoKayini, kunjalo, akha amadolobha, izinsimbi. Amadoda esayense afika ngoKayini, inzalo yenyoka. Manje qaphelani ivesi 25.

UAdamu wabuye wamazi umkakhe;

145 Manje, wamazi kanye futhi wayenabantwana ababili. Hlolani umBhalo. WayenoKayini noAbela. Isenzo esisodwa, nabantwana ababili. Nithi . . .

146 Bangitshela, kungekudala, kwakungeke, kwenzeke. Sinecala eHollywood. EHollywood na? Sinecala eTucson khona manje, enhla enkantolo. Owesifazane wazala umntwana oyikhaladi nomntwana ongumlungu, ngesikhathi esifanayo. Bathi ngeke akwenza. Angabanazo izinzalo ezimbili ezizalekayo, futhi. Banalo ngqo enkantolo manje. Ngiyazi izinja ziyokwenza. Izilwane ziyokwenza. Futhi ufike lapho, umlungu wathi, “Ngizokondla umntwana wami uqobo, kodwa hhayi yena.”

147 Nowesifazane wavuma. Wahhlala nendoda yakhe ngalokho kusa, nendoda yekhaladi ngaleyontambama. “Uma iphakathi,” udokotela uthi, “ngesikhathi samahora angamashumi amabili nane, kuyokwenzeka uma kukhona enye inzalo ezalekayo lapho.” Futhi lapho wakwenza.

148 Futhi yilokho impela okwenzeka lapha. UKayini lowo . . . uSathane, ngalokho kusa, enyokeni; noAdamu, leyontambama. Ngenkathi e . . . futhi wayenabantwana ababili.

Manje, uAdamu wabuye wamazi umkakhe (okwesibili); wazala indodana, . . .

149 Khumbulani, akukho ndawo eBhayibhelini eyathi uKayini wayeyindodana kaAdamu. Wathi, “Wayengowalowo omubi,” hhayi uAdamu, “udeveli.”

...wamazi owakhe (okwesibili), futhi wazi... futhi waba *nendodana, wayiqamba igama lokuthi uSeti: ethi, Ngokuba uNkulunkulu, ungibekele...* (Leyo kwakungesiyo iNzalo yangempela.)... *ungibekele enye inzalo esikhundleni sikaAdamu, owabulawa uKayini. Ngakho...*

Naye uSeti, wazala indodana; wayiqamba igama layo ngokuthi uEnoshe: futhi ngaleso sikhathi abantu baqala ukukhuleka egameni le Nkosi.

¹⁵⁰ Akaphumi kwabakaKayini, lolozalo lwesizukulwane, kodwa ozalweni lukaSeti.

Ngakho, “UKayini ungomubi.” Lapho kuvela inyoka.

¹⁵¹ Manje qaphelani. IBhayibheli lisho ngokusobala lapha, ukuthi, “Indoda yakhe yokuqala ifanele ibe ngefileyo,” hhayi nje elahliwe. Ifanele ibe ngefile.

¹⁵² Ngisanda kuqeda nje ukushumayela ngokuthi *UMshado NesaHlukaniso*, futhi nonke niyazi ngalokho. Angikhulumi manje, ngakho konke, lenhlangano yebandla lapha, kodwa phandle esizweni sonke. Kunjalo. Manje niyabona ukuthi kwenzekani lapho, ku*UMshado NesaHlukaniso*. Ngenkathi ku...?... IziMpawu eziyisiKhombisa lwavulwa, olwaveza iQiniso langempela lawo.

¹⁵³ Ngakho, ukugana uAdamu wesiBili, uKristu, iZwi, ufanele uzehlukanise ngokufa, endodeni yehlelo yakho yokuqala, ngoba akukho nalinye lawo elingalithatha lonke iZwi likaNkulunkulu. Ngikhombise nje ukuthi likuphi nje lelo. “O,” wena uthi, “elami.” Omunye umfo uthi elakhe, naye. Ahlanganise ndawonye, futhi nithola ukuthi nobabili ninephutha, masinya nje uma nihlela. Fundani iSambulo 17. Ngakho, niyabo, nifanele nibe ngabafile kuleyonto.

¹⁵⁴ Manje, angikhulumi kulelibandla lendawo. Ngikhuluma ngakho konke esizweni sonke. Ufanele ube ngofileyo endodeni yakho yokuqala. Uma uhlanganiswe kuKristu futhi ube usashade nehlelo, uyisiphingikazi. UyiLawodikeya.

¹⁵⁵ IBandla esizweni sonke, silandela uJesu Kristu, iZwi. Ukuba kuMlobokazi, uzofanele uphinde ushade neZwi likaNkulunkulu, elinguKristu. “Ekuqaleni wayekhona uLizwi; uLizwi wayekuNkulunkulu, uLizwi wayenguNkulunkulu. ULizwi waba yinyama wakha phakathi kwethu.”

¹⁵⁶ Inqobo nje uma ubambebele esikweni lomuntu lwamahlelo, ubizwa ngokuthi, eZwini likaNkulunkulu, “isiphingikazi.” Inqobo nje uma ungofuna isivumokholo sehlelo, ungowebandla lehlelo eliphika iZwi, uyi “siphingikazi,” okwashiwo yiBhayibheli.

¹⁵⁷ UJesu wathi, “Ungeke wakhonza onkulunkulu ababili ngesikhathi esifanayo. Kuphakathi kokuthi ukhonza

uNkulunkulu noma umamona.” *Umamona* yi “zwe.” “Othanda izwe, noma izinto zezwe, uthando lukaNkulunkulu alukho ngisho nakuye.” INzalo kaNkulunkulu ingeke yaba kuye ngesikhathi esifanayo (uthando lukaNkulunkulu) uthando lwezwe luphakathi lapho. Uma iNzalo kaNkulunkulu isebenza ngawe, lelo yiZwi likaNkulunkulu. Uthando lwezwe ngeke lwaba phakathi lapho ngesikhathi esifanayo. Manje ziphi izinwele ezimfishane, nezikhindi, nobuso obupendiwe na? Manje kukuphi na?

¹⁵⁸ Ungeke wabamsulwa kuKristu, iZwi likaNkulunkulu, bese ukhonza ihlelo elenziwe ngumuntu ngesikhathi esifanayo. Liphambene neZwi. UPawulu washo lapha. “Kuphi na?” KwabaseRoma 7.

¹⁵⁹ Kanjalo ungeke wazala amadodana kaNkulunkulu, eZwi laKhe, kuleliqembu lamahlelo elizalwe ngaphandle komshado. Ungeke wakwenza. Emshinini wakho wokuchamusela, ungeke wazala indodana kaNkulunkulu yeZwi. Ngikhuluma ebandleni. Kodwa usalokhu uzisho ukuthi ukholwa impela. Wayenjalo noKayini, indodana kaEva yobufebe, ekholwa impela, yakha ama altare futhi yanikela ngomhlatshele, futhi yakhokha izishumi zayo futhi yenze konke noma iyiphi enye indoda ekholwayo ebingakwenza. Kodwa yehluleka ukugcina leloZwi. Yehluleka ukuba nesambulo.

¹⁶⁰ Nesambulo iyonanto kuphela, isambulo seZwi. Yini i . . . Yini isambulo na? UJesu wathi, “Phezu kwalelidwala Ngiyakulakha iBandla laMi, namasango ehayidese angeLehlule.” UkuKholwa kuyisambulo; ngoba ukuKholwa kwembuliwe kuwe.

¹⁶¹ “UAbela, ngokuKholwa, wanikela ngesambulo (ukuKholwa), wanikela kuNkulunkulu ngomnikelo omuhle kunowalowo kaKayini.”

¹⁶² UKayini wacabanga ukuthi badla ama apula. Base nawo lowomqondo, kodwa kwakungesiwo. Kwakungukuphinga, inzalo yenyoka. Futhi lapho ngenkathi kuvulwa iziMpawu ezizisiKhombisa, kwakumemezela futhi kwakufakazisa. Incwadi yami isiphumile nje ngakho. Ngicabanga ukuthi sinenkulungwane lapha manje. Niyabo? Qaphelani. Lokho kungokomBhalo, kusukela kuGenesisi kuya eZambulweni.

¹⁶³ Ngesikhathi sokuphela, yomibili imithi ifika embewini futhi izifakazela yona. Sesilapha, namhlanje ngqo, iLawodikeya noMlobokazi, kucace nje futhi kuhle nje ngakho konke emBhalweni, naphambi kobuso benu ngqo. “Ungeke wakhonza uNkulunkulu nomamona.” Ungeke waba ngumKristu okholwa yiBhayibheli onobumsulwa bese uzihlanganisa odabeni lwehlelo. Ungeke nje wakwenza ngesikhathi esifanayo. Omunye uzofanele abe ngofile, bese uvumela omunye aphile.

¹⁶⁴ Kanjalo ungeke wazala indodana yeZwi likaNkulunkulu. Kanjalo nebandla ngeke lazala. Abamfuni omunye wabo,

abantwana abadazulukayo, bememeza futhi bekhuluma ngezilimi, nazozonke lezozinto. Bona, ungeke wakwenza lokho ebandleni lehlelo. Bangeke babenawe. Ababaletshi kanjalo. Bayabenyusa bese bebaxhawula bese bethi, “Uma ukholwa, usunaLo. Inqobo nje uma ufaka igama lakho encwadini, yilokho kuphela ozofanele ukwenze.” Niyabo? Nga—ngabantwana abazalwe ngaphandle komshado eZwini, basalokhu bezisho ukuthi bangabandenkolo.

¹⁶⁵ Ngakho, wakhuleliswa ngokuhlakanipha kukaSathane nolwazi, ibandla selibenjalo! Bathumela abantu babo le esikoleni, ukuyofundela ukuthi ushiwo kanjani u “amen” kahle nje. Babafundisa ukuthi kushiwo kanjani konke lokhu, futhi babenobuhlakani kakhulu. Kuyini na? Kungukukhulelisa kukaDeveli. USathane wamkhulelisa ngani uEva na? Ukuba alikholwe ngokungesikho iZwi, ngezihlakaniphi, abahlakaniphile, futhi kwayonakalisa yonke indalo. Yilokho impela akwenzile eZwini namhlanje, ibandla. Uzikhulelise ngamaBhayibheli-sikole namakholiji, nezinto ezinjalo, ukufunda, ukubhala, izibalo, futhi abazi lutho ngoNkulunkulu kunoma iLawu lingazi ngobusuku baseGibhithe. Bazazi zonke izivumokholo zabo, izincwadi zabo zomthandazo, nayo yonke enye into, kodwa abazi lutho ngoNkulunkulu.

¹⁶⁶ Bayazi ngenkathi iZwi liqinisekiswa, ngenkathi uNkulunkulu ekhuluma emuva lapho futhi walaba iZwi laKhe esizukulwaneni ngasinye lapho zifika. Nakhu kufika uNowa, futhi washumayela lesosizukulwane.

¹⁶⁷ Manje, ukuba-ke uMose wayefikile, wathi, “Asakhe umkhumbi”? Wayeyophuma ngakho konke esitayeleni. Kodwa wayengumprofethi. Wayenesambulo sikaNkulunkulu.

¹⁶⁸ UNkulunkulu waliqinisekisa ukuthi liyiQiniso. Waletha abantwana, wakhupha uIsrayeli, futhi wakhombisa iNsika yoMlilo phambi kwabo, futhi waqinisekisa umprofethi; futhi washo khona impela nje Ayezokwenza, futhi Wakwenza.

¹⁶⁹ Bathi, “Makungakhulumi uNkulunkulu. Makukhulume uMose, funa sife.”

¹⁷⁰ Wathi, “Angisayikukhuluma kubo kanjalo, kodwa Ngiyakubavusela abaprofethi, futhi bayokhuluma.”

¹⁷¹ Nakho kwakumi uIsaya emi lapho, wathi, “Intombi iyokhulelwa.” Indoda enjengaye osukwini ngenkathi... Izokhulelwa kanjani intombi na? “Sizalelwa iNdodana: uMntwana uzelwe, siphilwa iNdodana. IGama laYo liyakuthiwa: uMluleki, iNkosana yokuThula, uNkulunkulu onaMandla, uYise oNgunaphakade. Phezu kwesihlalo sobukhosi sikababa waYo, uDavide, Iyakubusa. Akuyikubakho ukuphela eMbusweni waYo.” Kuzoba kanjani na? Wayengazi. Wakhuluma nje lokho uNkulunkulu akusho. Kungaphambili le kwanoma yikuphi

ukucabangela, isihlakaniphi. Kungaphambili le kwanoma yiluphi ucwaningo lwesayense. YiZwi likaNkulunkulu.

¹⁷² Manje sifundisa esikoleni abafundi bethu basekholiji kuzozonke izinhlobo zesayense yezenkolo yeBhayibheli nezinto ezinjalo, isayense yezenkolo eyenziwe ngumuntu, sinesigejane sebandla impela nje, njengeLawodikeya njengoba uNkulunkulu athi iyobanjalo. O, he! Uma ngibuka lokho, futhi kungenza ngiqhaqhazele. Likhuleliswe ngumqondo wezihlakaniphi! Ufanele ubeyisifundiswa esineziqo zesikole esiphakeme ngaphambi kokuba ngisho uze ungene. Ufanele ube ne... ufanele ume phambi kwesazi sezifo zengqondo ngaphambi kokuba ugcotshwe.

¹⁷³ Wawungathini nje uPetru, uJakobe, noJohane beya phambi kwesazi sezifo zengqondo na? Niyabakhumbula labo abayikhulu namashumi amabili phezulu lapho, babengakwazi ngisho nokusayina igama labo uqobo na? Bame phambi kwesazi sezifo zengqondo, babone ukuthi ngabe ba...uma konke okwabo...ukuthi okwabo okuzenzekelayo kwakukahle yini, nokunye nokunye? Babenokuzenzekelayo, kodwa kwakungesiwo umqondo wezihlakaniphi noma ucwaningo lwesayense. Kwakungamandla kaNkulunkulu. Ngenkathi Etheleka kubo, babengazi lutho ababengalwenza kodwa ukuba benze lokho uMoya oNgcwele owathi abakwenze. Abanakanga noma yisiphi isihlakaniphi, ukuthi ibandla lathini, nokuthi abapristi bathini, ukuthi *lokhu* kwathini, *lokho* kwathini. Babeqhutshwa uMoya; amadoda angesabi.

¹⁷⁴ UJohane wokuQala 2:15, Wathi, “Uma nithanda izwe, noma izinto zezwe, uthando lukaNkulunkulu alukho ngisho nakini.” Niyabo? Ngakho ungakhuleliswa kanjani yiZwi likaNkulunkulu eliligxekayo izwe, eligxeka iHollywood, eligxeka yonke ifeshini yalo, ligxeka onke lamaphathi nokuqhubeka, nababizwa kanjalo abanakho egameni lenkolo na? Liyakugxeka. IZwi lingamkhulelisa kanjani umuntu: owesifazane angakwenza kanjani ophungule izinwele, opende ubuso, egqoka izikhindi na?

¹⁷⁵ Angakwenza kanjani umshumayeli, aphumele lapha ekholiji, futhi abuke iZenzo 2:38 bese ebona ukuthi akukho muntu eBhayibheli owake wabhaphathizwa kulezoziqu, bese kuthi-ke abe esalokhu ethi ukhuleliswe yiZwi likaNkulunkulu na? Ukutshela amanga! Uthengise ngobuzibulo bakhe. Uphinge nayo impela Into ayisho. Uyalahlwa, ngesahlukaniso.

UNkulunkulu uzoba neBandla elimsulwa, impela nje, uMlobokazi.

¹⁷⁶ IBhayibheli lathi, “IZwi alikho kuwe.” Ngakho nhloboni yabantwana oyizalayo na? Okwamahlelo akhulelwe. Akukaze kubekhona kufa ukukwehlukanisa nesithandwa sakho sokuqala.

177 “Bazocabangani abakwaJones uma ngiyokhala futhi ngikhuluma ngolimi na? Bazocabangani uma ngiphinda ngibhaphathizwa na?” Umbhedo onje pho! Ngabe ushade nabakwaJones na? Noma, ngabe ushade nebandla na? Ngabe ushade noKristu, iZwi na?

178 Manje, yingakho esalokhu ezala abantwana bakhe. Nhloboni yabantwana anayo na? Nanka amanye amagama abo abawabizayo namhlanje: amakati, amabhungane, izinunu, izintekenteke, ontekenteke. Amakati, amabhungane, lokho ngamalunga ebandla. Impela. Bonke bangamadodana akhe, amadodana kaKayini, okungamadodana esilwane esinobuqili, abushelelezi nje impela ngakho konke.

179 Manje ake nibuke kahle isikhashana, ngokubuka kwenu uqobo kokomoya, emphefumulweni wenu. Qalazani nje. Ngikhuluma esizweni sonke manje. Bukani imizuzu embalwa nje, nina phandle lapho eTabernakele likaBranham, nina enisematabernakele oGwini lwaseNtshonalanga, neArizona, nandawo zonke enikuzo. Zibuke wena uqobo imizuzu embalwa. Wena uthi, “LowoMlayezo owushumayelayo, Mfowethu Branham, unephutha.” Zibuke wena kancanyanyana. Vumelani uMoya oNgcwele uhlolisise izingqondo zenu ngeZwi, nizovumelana noMlayezo. Makuthi uKristu, iZwi eligcotshiwe, lihlolisise unembeza wenu uqobo. Mvumeleni angene kini, nibone ukuthi ngabe Lokho kuqinisile yini noma qha. Futhi lokho nje yinto eyodwa noma ezimbili engiziphathayo, kube kukhona amakhulu azo.

180 Ngabe iBhayibheli liyavumelana yini nowesifazane ephungula izinwele zakhe na? [Ibandla lithi, “Qhabo.”—Umhl.] Ngabe iBhayibheli liyakholwa yini, livumelane nemithathu, imibhaphathizo egameni lika “Yise, iNdodana, uMoya oNgcwele”? [“Qhabo.”] Ayikho into enjalo. Ngabe iBhayibheli liyavumelana yini nowesifazane egqoka okokugqoka kwabesilisa na? [“Qhabo.”] Awu, thatha nje lokho okuthathu lapho, kube kukhona amakhulu okungaphezulu. Kuhlolisiseni ekuKhanyeni kweZwi likaNkulunkulu.

181 Wena uthi, “Ngiyilunga lebandla.” Wayenjalo noKayini. Wayenjalo noEva. IBhayibheli liyabikezela, ngezinsuku zokugcina, ukuthi iLawodikeya iyofana.

182 Vumela uMoya oNgcwele uhlolisise unembeza wakho, futhi uzovumelana noDanyeli 5:12. Ngenkathi indluvukazi ingena phambi kukaBeliteshazari, futhi yathi yathola ukuthi kwakukhona umprofethi, uDanyeli, wayephakathi kwabo, futhi wayengumthukululi wamafindo. Dedelani uMoya oNgcwele. UngumProfethi wosuku. Mvumeleni angene enhliziyweni yenu khona manje futhi ahlole ngeZwi likaNkulunkulu, namafindo ngoMlayezo azothukululwa. Uthukulula onke amafindo. Uyathola, kuseZwini ngqo lalolusuku.

183 Ungeke wawushumayela umlayezo kaLuther namhlanje. Ungena kuLo, kodwa lokho yizinyawo. Ehhe. Ehhe. Ungeke washumayela uWesley. Ungeke washumayela iPentecostal. Sesithe ngqu ngaphambili le kwalokho. Bahlela futhi bafa. Bawuhlanga.

184 Uhlanga lwenyuka nedlebe, leso isimo sokuqala sebandla. Manje, ukuthi lapho akubukeki kufana nohlamvu lokuqala olwangena emhlabathini, ukolo.

185 Okwesibili okuvelayo yimpova. Lokho kusalokhu kungabukeki kufana nohlamvu. Kubukeka kufana kakhulu nalo. Kuza kakhulu emfanekisweni wohlamvu lwangempela. Kodwa amadlebe impela awabukeki efana nohlamvu olwangena emhlabathini. Ngumthwali wokuphila okwakusohlamvini. Kodwa kwenzani na? Kwahlela, njengayo yonke nje enye invelo yenela phakathi nakho. Kwafa.

186 Kwase kuba yini-ke na? Ukuphila kwagijima kwenyukela ngqo entshakazeni. Inazonke izinqwaba zamancane—amabhola amancane elenga kuyo, ibukeka njengezincane—izinhlamvu ezincane kuyo. Ibukeka sengathi uhlamvu lwangempela, kodwa akusilo.

187 Bese-ke kuqathakela ekhobeni. Futhi kuvezani na? Ikhoba.

188 Manje, thatha uhlamvu lukakolo, uma ukolo usuqala ukuvela. NoJesu wathi, “Uhlamvu lukakolo...” Futhi thatha lowokolo bese uwuvula. Udoncule uhlanga. Walubuka. Uthi, “Sinohlamvu lukakolo.” Qaphela. Kufana impela nje nohlamvu kodwa akukho-noluncu uhlamvu kulo. Yikhoba.

189 Nanko amaPentecostal, “Okungaka,” njengoba uMathewu 24:24 asho, “kudukise nabaKhethiweyo ngezinsuku zokugcina, ukuba kwakunokwenzeka.” Kodwa hluba iqabunga ngeqabunga, awunahlamvu. Uhlamvu lusemuva ngqo ngemuva kwalo. Niyabo?

190 Bese kuthi-ke ukuPhila kuphume kulelohlelo, kungene ohlamvini. Bese kwenzekani-ke na? Ngenkathi uhlamvu luqala ukukhula, nokuthi luthole ukubalukhudlwana ukuze Kumboze into ethize, ihlelo liyahlubeka kuKho. Yingani singenalo ihlelo kuLokhu na? Awasoze abanakho. Wuhlamvu. Ngeke lusaqhubekela phambili. Sisesikhathini sokuphela. Ngakho Kuzokwenzenjani manje na? Lubeke ebukhoneni beNdodana, ukuba luvuthwe, kunjalo impela, iZwi ukuba livuthwe enhliziyweni yakho, ukuveza futhi liphile esikhuluma ngakho. Yebo, mnumzane.

191 Khona-ke awusezokuba nakungabaza, uma uvumela uMoya oNgcwele uKwembule kuwe, njengoba indluvukazi yasho ngoDanyeli.

192 Ungahle uthi, “Kuhlangene ngani konke lokhu nokubonga na? Ukhuluma ngani, Mfowethu Branham na? Nakhu, kwatathu-

nayini. Awushongo lutho ngokubonga.” UMLayezo onje pho womcimbi, kimi! Yebo, impela.

¹⁹³ Obaba abangabahambi babonga kakhulu ngendlela yabo entsha efunyenwe yokuphila, behlukanisiwe namahlelo amadala amaNgisi nesivumokholo, babengashada nelisha iZwi eligcotshiwe lonyaka wabo; kunjalo, elisha iZwi eligcotshiwe lonyaka wabo, losuku lwabo.

¹⁹⁴ Ngakho singabonga, njengabahambi, njengoAbrahama, sizehlukanise nezinto zezwe, bonke abethu esizihlanganisa nabo. UAbrahama wayengumhambi. UNkulunkulu usehlukanise nazo zonke izinkolo ezifile. Ngikhuluma esizweni sonke manje, zonke izivumokholo ezifile. Nakukuphi na? Wasehlukanisa, wayesesivulela izwe elisha, uMLayezo omusha walolusuku.

¹⁹⁵ IPhentekoste yoma nkwe futhi yafa, njengoLuther, uWesley, nabobonke abanye. Akusengaphezu kwesigejane samabandla edonswe ndawonye. Abantu abalungileyo phakathi lapho, nokho, uzofanele aphume.

¹⁹⁶ Wenzani na? Wavula nge iziMpawu eziyisiKhombisa zoMLayezo wokugcina. Niyakuqaphela lokho na? IziMpawu eziyisiKhombisa, okungukuthi, zonke izimfihlakalo zeminyaka yebandla eyisikhombisa yanamatheliswa uphawu ngeziMpawu eziyisiKhombisa. Abaguquli ababanganaso isikhathi sokukwenza ngezinsuku zabo. Abaphilanga isikhathi eside ngokwenele. Kodwa lesisambulo esibusisiwe seziMpawu eziyisiKhombisa, sembulwa kithi ngalolu izinsuku zokugcina, esiprofethweni esaphumela eArizona.

¹⁹⁷ Ngambuza kanjani uNkulunkulu, ngolunye usuku, “Wenzani ngami phandle lapha kulolugwadule na?”

¹⁹⁸ Benazi yini ukuthi uMose waloba iTestamente eLisha... noma iTestamente eLidala na? Impela waliloba. IziNcwadi ezine zokuqala inikeza imithetho, yayo yonke into: uGenesisi, uEksodusi, uLevitikusi, noDuteronomi. Waloba iTestamente eLidala. Ukwenza lokho, wadingeka ashiye bonke bakhe ayezihlanganise nabo nabathandekayo, futhi aye ogwadule.

¹⁹⁹ UPawulu waloba iTestamente eLisha. Kunjalo. Waloba abaseRoma, nabaseRoma nakho konke okunye kwaLo lapho, amaHeberu noThimothewu, nokunye nokunye. Futhi ukwenza lokho, wadingeka azehlukanise naye uqobo, futhi ehlele eArabiya, ogwadule, iminyaka emithathu, athole isambulo sikaNkulunkulu.

²⁰⁰ “O,” wena uthi, “uthini ngoMathewu, uMarku, uLuka, noJohane na?” Babengababhali abaloba nje okwenziwa nguJesu.

201 UPawulu wehlukhanisa futhi wahlanganisa iZwi. Kunjalo. Awu, manje-ke, bukani, uma kuthathe lokho, futhi wadingeka aye ogwadule, basuka kwabathandekayo babo . . .

202 Khumbulani ukuthini, *Sikhathi Sini, Mnumzane na?* Bangaki abake bawuzwa na? Thanini, “Amen.” [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Kwakunjalo ngempela na? [“Amen.”] Manje-ke sinesambulo ngalolu izinsuku zokugcina, ngoMlayezo weNkosi uNkulunkulu ukubuthela uMlobokazi waKhe ndawonye. Awukho omunye unyaka othenjisiwe. Kuthenjiswa kulonyaka: uMalaki 4, uLuka 17:30, uJohane oNgewele 14:12, uJoweli 2:38. Lezozithembiso sifana impela nje noJohane umbhaphathizi ezikhomba qobo lwakhe empBhalweni.

203 UJesu wazikhomba qobo lwaKhe. Bathini na? “Msuseni umuntu onje!” “UJohane uyindoda yasendle.” Ibandla lalingakwazi ukukwemukela. Lelo yiphethini. Kanjalo nebandla aliyikukwemukela namhlanje.

204 Kodwa, kwabaKhethiweyo, uNkulunkulu ubiza kwabaKhethiwe. Bayakwazi: ubiza uMlobokazi omsulwa, iZwi, iBandla losuku lokugcina, iNenekazi elikhethiweyo leNkosi yethu uJesu Kristu, iZwi. Uma . . . UJesu uyiZwi. Bangaki abakukholwayo lokho na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Kulungile. Manje-ke, uMlobokazi njalo uyingxenywe yoMyeni, ngakho uMlobokazi akazukuba yihlelo. Kuzodingeka kube yiZwi, elibonakalisiweyo, ukuba libe nguMlobokazi kaKristu. Wethembisa ukukwenza. Washo ukuthi Wenza kanjani. Akasebenzisi neze . . . alahlekelwe yiphethini yaKhe. Wayekwenza njalo ngephethini. Ukwenzile, ngasosonke isikhathi, ngephethini. Uyakwenza futhi, ebizela ngaphandle uMlobokazi waKhe omsulwa ngosuku lokugcina, uRebeka othandekayo elinde uSaka waKhe. Isikhathi esihle kanje pho!

205 Lapha kukuletha obala, izincwadi ezimbili ezoba yimfihlakalo kini uma nifunda incwadi ethi *IMinyaka yeBandla eyisiKhombisa*. Izincwadi ezimbili: iNcwadi yokuPhila, yathi, omunye uthi ungangafaka igama lakho kuyo, awuphumi neze; omunye uthi ukhipha igama lakhe eNcwadini yokuPhila. Lokhu kukuletha obala ngokupheleleyo, khona lapha. Ngizoma imizuzu embalwa, mhlawumbe, emanothini embalwa lapha, bese ngibamba lokhu ngaphambi kokuba sivale.

206 Ukuphila yinto engcwele, kuNkulunkulu, futhi kurekhodwe encwadini. UNkulunkulu ungumqalisi wokuphila. Niyakukholwa lokho na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.]

207 Ukuphila kwethu kwemvelo lapha, esinakho, kuyimpendukezelo nje. Ngempela kufanele kube ngukuphila okufanele, okokuqala nje, kodwa kuphendukezelwe ngukuzala kwemvelo. Ukuphila kokuqala, noma ukuhlanganiswa kwakho kokuqala, wajoyiniswa ekuzalweni, yimvelo, isenzo semvelo. Isidalwa esingumuntu semvelo sihlanganisiwe, owesilisa

nowesifazane bendawonye, behlangene ndawonye ngodaba locansi, okwaletha ukuphila kwakho kokuqala lapha, nalokho kuhlengene nesono nokufa. Ungakugeja kanjani ukubona inzalo yenyoka na?

²⁰⁸ Uma ubona owesifazane, umkhiqizo ovele kamuva; hhayi esinye isifazane njengaye; senziwe ngaleyondlela, azi ukuthi ubengakhohliswa. UNkulunkulu wayazi. Uma Wayengakwazi ukuphela kusukela ekuqaleni, khona-ke Wayengesuye uNkulunkulu. Uma Engesuye ongongenasiphelo, uma Enga... Futhi Angebe ngongenasiphelo ngaphandle kokuba ngowazi konke, osezindaweni zonke, azi izinto zonke, oPhakade. Ngakho Wayazi izinto zonke, futhi Wadingeka enze lowo wesifazane.

²⁰⁹ Indoda yayingenamfazi. Umfazi nendoda kwakuyinto efanayo. Wayenobufazane nomoya wobudoda kuye uqobo.

²¹⁰ Wadingeka ehlukane, athathe umkhiqizo ovele kamuva, emva kokuba sekwenziwe yonke indalo. Akukho sifazane esadalwa nguNkulunkulu, endalweni yasekuqaleni, engenza into enjengaleyo. Wenziwa kanje, ukuba akwenze. Wayazi ukuthi wayezokwenza. Uma Wayengazi, Wayengesuye uNkulunkulu.

²¹¹ Kodwa, niyabo, izingxeny ezingehlukaniseki ekuNkulunkulu yadingeka ivezwe obala. Wa—Wayezoba nguMsindisi. Nokwenza yonke into iphelele, indlela Ayenakho ngakho, ngaleyonkathi kwakungebekho lutho olulahlekayo. O, ningabi ngabantwana. Yibani ngabesilisa nabesifazane. Sisemgwaqeni ophelayo. Qaphelani.

²¹² Manje, kwakuyimvelo, ihlanganiswe nokufa. Indoda yakho yokuqala, eyayibuse phezu kwakho, kwakuyimvelo yakho ngokuzala kwemvelo. Okwemvelo, uthanda izwe ngoba uyizwe, nengxeny yezwe. Kunjalo na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Izifiso zakho sasi, ngemvelo, ukuthanda izwe oyingxeny yalo. Uyingxeny yemvelo. Niyakukholwa lokho na? [“Amen.”] Naleyo yinto yakho yemvelo.

²¹³ Yingalesosizathu ufanele uzalwe ngokusha. Ufanele uhlukane; ufanele ufe kuleyondoda yokuqala. Ungeke waphila nakho. Ungeke nje wathi, “Awu, ngizohlukanisa nayo, bese ngiyilengisa phezulu lapha kuze kube wumcimbi.” Qhabo, mnumzane. Akukho kubhalwa kwesahlukaniso! Iyafa. Imvelo yezwe izofanele ife. Konke nechashaza layo lifanele life. Uzofanele uphinde uhlanganiswe, futhi, neny eImvelo.

²¹⁴ Igama lakho lemvelo yakho yokuqala, yazalwa, yase ifakwa encwadini yokuphila. Futhi zonke izenzo zakho kwabhalwa kuyo, nakho. Yonke into oyenzile phansi kwaleyomvelo kwafakwa encwadini, ethiwa yincwadi yokuphila.

²¹⁵ Niyaqaphela, kuDanyeli, ngenkathi efika ko “Mdala weziNsuku, onwele zaKhe zazimhlophe njengoboya bezimvu. Izinkulungwane eziyishumi zezinkulungwane eziyishumi zafika

naYe, ukuMkhonza; u—uMlobokazi. Zase zivulwa-ke izincwadi.”
 “Nenye iNcwadi yavulwa, okwakuyiNcwadi yokuPhila.”
 Niyabo? Nampo abangcwele sebevele balapho, iBandla,
 uMlobokazi. “Enye iNcwadi yavulwa, okwakuyiNcwadi
 yokuPhila.”

216 Manje, wena, kodwa ngenkathi wehlukaniswa nalokho
 kuhlanganiswa, ngokufa kokomoya: Isifiso sakho semvelo
 ngukugunda izinwele zakho. Isifiso sakho semvelo ngukugqoka
 izikhindi, upende ubuso bakho. Isifiso sakho semvelo ngukuba
 yisihlakaniphi, indoda esimati, wazi into ethize kangcono
 kunomunye. Yilokho uEva ayekufuna. Yileyonto impela
 ayeyifuna.

217 “Awu, awusho! Wena ntwanyana encane embili, mshumayeli
 oyithubha-yi-fo, usukume lapho futhi utshele mina na?
 Nginge Ph.D., iLL.” Lokho nje kukwenza uqhele kakhulu
 kuNkulunkulu, njalo uma wenezela into eyodwa. Niyabo?
 Niyabo? Kunjalo. Kuqinisile. Niyabo?

218 Yilokho uEva akuthathayo. Wakhulelwa lolohlobo
 lokukhulelwa. Yilokho-ke ibandla eliyikho namhlanje,
 ngamaBhayibheli-zikole nezihlakaniphi. Futhi, bukani, wonke
 umuntu ephikisana nomunye, enkulu ingxovangxova khona
 impela nje iBhayibheli elakushoyo, “IBabiloni.”

219 UMlobokazi uyazi lapho Emi khona. Uyingcosana
 impela. Abayikubabaningi abasindiswayo; abayingcosana
 impela, impela, impela, nje. Wena uthi, “Awu, lapho, uthe,
 ‘izinkulungwane.’” Yebo. Kodwa bakhuphuke eminyakeni
 eyizinkulungwane ezimbili, futhi, kuyoyonke iminyaka lapho
 Liphuma khona. Njalo . . .

220 Unyaka kaLuther naleloqembu; base-ke bebuthuka, futhi
 bahamba, bahlela; kwase kuba nguWesley, bese-ke kufika
 abephentekoste, nokunye nokunye. Nawo onke amatsha
 amancane aphumile amaBaptisti, iPresbyterian, amaMethodisti,
 amaNazaretha, iPilgrim Holiness, nokunye nokunye, niyabo,
 bonke labo baphuma babangamatsha lapho njengeqabunga.

221 Kodwa, khumbulani, ngenkathi kwehla; nohlamvu luqala
 ukuvuthwa, ukuthi niyathola, ngaphambi kokuba lolohlamvu
 lukwazi ukuvuthwa, yonke into kulolohlanga izofanele ibe
 ngefile. Haleluya! Aniboni lapho esimi khona na? Ukuphila
 kusohlamvini futhi. Kuyini na? Kufana nje impela nohlamvu
 olufanayo olwangenama mhlabathini, uJesus ofanayo esimweni
 soMlobokazi, amandla afanayo, iBandla elifanayo, into
 efanayo, iZwi elifanayo. IZwi elifanayo lamunca ngalaba
 futhi baphumela lapha, futhi bafika enhlokweni lapha.
 Nakho konke lokho kuPhila okuphumela lapha, kwacsha
 abantu bakho. Manje kubumbekela enhlokweni, kwenzela
 uHlwitho. Ngikhuluma ngalokho kusasa ebusuku, noma
 ubusuku obulandelayo, okukodwa, iNkosi ithanda.

222 Awu, wehlukana nokuhlanganiswa kwakho kokuqala, ngokufa kokomoya. Manje usuzelwe ngokusha, noma waphinde washada futhi, ekuhlanganisweni okusha kokomoya; ongesiwo owokuphila kwakho kwemvelo kwezinto zezwe, kodwa owokuPhila okuPhakade. Leyombewana eyayikuwe ekuqaleni, yakufumana.

223 Manje, incwadi yakho endala ayisekho, nokuhlanganiswa kwakho okudala. Manje, igama lakho kweyakho endala, kweyakho...seledlulisiwe. Manje, wena uthi, “Uqonde ukungitshela ukuthi incwadi yami endala...” UNkulunkulu wayifaka oLwandle lokuKhohlwa kwaKhe. Umi ngokuphelele phambi kukaNkulunkulu.

224 Manje, igama lakho manje seliseNcwadini entsha; hhayi incwadi yokuphila, kodwa iNcwadi yokuPhila yeWundlu, lokho iWundlu elakuhlengayo. Hhayi incwadi endala yokuhlanganiswa kwakho kwemvelo, kodwa eyakho entsha, uMlobokazi. Halleluya! Ukuphila kwakho okusha kuseNcwadini yokuPhila yeWundlu, isitifiketi sakho somshado, halleluya, lapho imbewana yaPhakade yakho yeqiniso, kusukela ekuqaleni, ibambelela khona. Manje awuthethelelwe kuphela, kodwa ulungisisiwe. Udumo! “Ulungisisiwe,” kwabaseRoma 5:1 kwasho. Ya. KwabaseRoma 5:1 kwathi, “Ngakho lokhu sesilungisisiwe ngokukholwa.”

225 Bhokani igama. Igama alisho ukuthethelelwa. Igama lisho okulungisisiwe. Alisho ukuthi uthethelelwe.

226 Isibonelo nje, uzwile ukuthi ngadakwa futhi—futhi ngenze izinto ezithize ezimbi, nayo yonke into. Bese-ke ufika ngapha, usho kimi. Wathola ukuthi angizenzanga, bese-ke ufika ngapha, uthi, “Mfowethu Branham, ngiyakuthethelela.” Uyangithethelela na? Angikwenzanga, endaweni yokuqala. Niyabo?

227 Manje, uma ngikwenzile, nginecala. Kodwa ubungangithethelela, futhi bengingeke ngibe necala. Kodwa nokho angilungisisiwe, ngoba empeleni ngikwenzile.

228 Kodwa igama, *lungisisiwe*, kuba sengathi awukaze ukwenze. Amen. Akunakwa ngisho, nhlobo. Kwenziwa kanjani na? ENcwadini kaNkulunkulu yoLwandle lokuKhohlwa, incwadi yakho endala nomshado iyehlukaniswa futhi ifile, futhi ayikho ngisho nasezinkumbulweni zikaNkulunkulu. Amen. Ulungisisiwe. “Ngakho lokhu silungisisiwe.” Kwamangalelwa. Wamangalelwa. Awuzange ukwenze, endaweni yokuqala. Ukuhlanganiswa okudala kusoLwandle lokuKhohlwa kukaNkulunkulu. Awushadanga nakho, kwasekuqaleni nje. Yena, uMyeni, wathwala ihlazo lakho, Yena uqobo, elithwalela wena, endaweni yakho. Wathatha indawo yakho, ngokuba wamiselwa ngaphambili wenzelwa Yena, ukuba

ube kuMlobokazi waKhe, ngaphambi kokusekelwa kwezwe. IBhayibheli lasho njalo. UyiNzalo eyamiselwa ngaphambili.

²²⁹ Weza kanjani ukuba wenze lokhu na? Wakhohliselwa kukho ngumshado wakho wokuqala, kumzali wakho ophingayo, uEva. Akusilo iphutha lakho uqobo. Ngokuzalwa kwakho kwemvelo, ufika emva kukaEva, owaphingayo. Yingaleso sizathu wazalwa uyisiphingikazi. Uyisoni, kwase kuqaleni. Kunjalo. Wakhohliselwa kukho. Wawungena... Qhabo, wena, akusilo iphutha lakho.

²³⁰ Awuzange ukwenze. Ngoba, leyombewana encane eyayikuwe, yayizoba nguwe, ngaphambi kokusekelwa kwezwe. UNkulunkulu wafaka igama lakho eNcwadini yokuPhila yeWundlu.

²³¹ Njengendaba yami yokhozi oluncane, nonke uyizwile. Isikhukhukazi... Umlimi omdala wabeka i—isikhukhukazi, ngesinye isikhathi. Ngakho wayengenazo izikhukhukazi ezenele phandle... amaqanda ukuba aye phansi kwesikhukhukazi. Ngakho manje-ke wathola iqanda lokhozi, futhi balibeka phansi kwakhe. Ngenkathi ukhozi luzalwa, kwakuyinkukhu ebukeka ixake kunazo zonke lezozinkukhu ezake zayibona, ukhozi oludadlana luhamba hamba. Nesikhukhukazi sasithi, “Ku, ku, ku, ku.”

²³² Ukhozi oluncane lwathi, “Angazi ukuthi leyonto izwakala ifana nani, kodwa ngiyasilandela, noma kanjani.”

²³³ Futhi zaphumela egcekeni lenqolobane futhi ziqala ukuqhwanda ezinqwabeni zomquba. Futhi sona, “Ku, ku, ku. Lokhu kumnandi. Lokhu kumnandi. Joyina okwethu. Nalokhu yilokho oku...”

²³⁴ Lolokhozi oludadlana, lwalungenakuzidla lezozinto. Niyabo? Lwavelo nje—lwavelo nje lwahambisana nenkukhu ngoba lwalungazi. Lwalungazi ukuthi luzokwenzenjani. Sase-ke siphumela lapho, futhi sasithola *lokhu* noma *lokho*. Nokhozi oluncane nje... lwalufanele nje lukufake esiswini, kodwa lwa—lwalungazi ukuthi kwenziwa kanjani. Kodwa lwaluzibonile zonke izinkukhu zikwenza, kodwa kunento ethize eyehlukile. Lwalungakuthandi lokho.

²³⁵ Ngakho, ngoluny’usuku, umama wazi ukuthi wayekade ezalele amaqanda amabili. Ngakho uqala ukuzingela lelo elinye, ehamba endiza, efunisisa, njengoMoya oNgcwele omkhulu. Ngoluny’usuku wandizela phezu kwegceke lenqolobane, lelohlelo. Wabuka phansi lapho, futhi wayibona ingane yakhe. Wadazuluka. KwakuyiPhimbo lento ethize eyenanela ivela ngaphakathi kwalo. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] O, Lelo lizwakala kahle! O! Makuthi imbewana yangempela ezalwe ngokumiselwa ngaphambili, yamiselwa ngaphambili nguNkulunkulu, izwe iZwi likaNkulunkulu, Lingumnyuziki kuyo. Iyazi ukuthi LiyiQiniso.

²³⁶ Selukhathele yilezozinto zehlelo, empeleni, “Sijoyine. Woza, hamba nathi. Sinephathi yenhlaliswano. Sinalokhu. Sine...” Akuzange nje kuzwakale kahle, kumfo omncane.

²³⁷ Wathi, “Ndodana, awusuye owaleloqembu, empeleni. Ungowami. Ungowami.”

²³⁸ Lwathi, “Mama, lokho kuzwakala kuyikho ngempela. Ngizophuma kanjani na?”

²³⁹ “Gxuma nje. Ngizokubamba.” Ehhe. Yilokho kuphela ozofanele ukwenze.

²⁴⁰ IZwi likaNkulunkulu eligcotshiwe liqinisekiswa phambi kwanoma yimuphi umuntu ozalelwe ukuba yindodana kaNkulunkulu, nembewana emiselwe ngaphambili ikuye yalelihora, uyowubona uMlayezo kaNkulunkulu ngokuqinisekile impela ekutheni ukhona uNkulunkulu eZulwini. UMartin Luther waWubona owelakhe. UWesley waWubona owelakhe. Ipentecostal yaWubona owelayo. Manje uthini ngawe na? Ehhe. Bangena ehlelweni. Nanti iZwi liligxeka; likutshela ukuthi sifanele sibe nani namhlanje, futhi yena impela nje uMalaki 4 nazo zonke lezi ezinye izithembiso zehora. Ubonani na? Ubukani na? Amen. Silapha. Ezangempela, izinkozi zangokoqobo ziyezwa. “Izimvu zaMi ziyalazi iPhimbo laMi. Umfokazi negeke zamlandela.”

²⁴¹ Ngani na? Kwabekwa phakathi lapho ngokumiselwa ngaphambili. Waziwa phakade endodaneni kaNkulunkulu. WawukuNkulunkulu ngaphambi kokusekelwa kwezwe. Ubonakaliswa kuphela kulolusuku ngenxa yodumo lwaKhe nenkazimulo. Ungakwenza kanjani ngaphandle kokuhlonipha iZwi laKhe, futhi ume nalolonke iZwi likaNkulunkulu na? Yebo, mnumzane. Okungukuthi, uyingxenywe yaleloZwi, ngokumiselwa ngaphambili. Ngoba, bukani, uNkulunkulu uyiZwi. Niyakukholwa na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Awu, manje-ke, uma...Wayehlala njalo eyiZwi. “Ekuqaleni wayekhona uLizwi.” Futhi uma iZwi lalinguNkulunkulu, khona-ke wawukuNkulunkulu. IZwi, ingxenywe ozoyidlala, yayikuNkulunkulu ngaphambi kokusekelwa kwezwe. Ukubonile. Wakwazi. Wakumisela ngaphambili kukho.

²⁴² Ngiyanitshela, njengoba nje lolokhozi lwaligonda lelophimbo, wenza kanjalo no—nowangempela, umKristu ozelwe ngokusha uyaliqonda iPhimbo likaNkulunkulu likhuluma ngeZwi, uma beLibona ligcotshiwe futhi liqinisekisile. Bukani. Lwabuka phezulu *Lapho*. Alusibonanga lesikhukhukazi esidala sihamba sikukuza *ngapha*, “Sijoyine futhi uhambe *ngapha*. Futhi uhambe *lokhu*, futhi uye *kulokhu nalokho*.” Lwabona i—isidalwa esifana nolwalufuna ukuba yiso, sintweza emoyeni, sidazuluka, sikhululekile, phezulu ezimpakamweni, phezu kwawo onke amanqe nezinto zomhlaba.

Haleluya! Lwalufuna ukuba yilokho ngoba kwakukulo ukuba yilokho.

²⁴³ Nomuntu ozelwe nguNkulunkulu, indodana kaNkulunkulu, izofanele ibe nemvelo kaNkulunkulu. Izofanele ibe njengeNkulunkulu. Ihlonipha uNkulunkulu. IyingxenyeyeZwi likaNkulunkulu. Futhi ngalolu izinsuku zokugcina, zaloMlobokazi ethatha isimo, amandla afanayo nje impela Ayekuwo ekuqaleni, ikhuphuke yedlula lezizihlangano, nokunye nokunye, futhi iphumela uMlobokazi. Ingebe lutho olunye ngaphandle kwalokho.

²⁴⁴ Ayefanele aLibone, lawomaJuda ngosuku lwawo, ngenkathi eLibone libonakaliswa lapho phambi kwawo, njengoba umprofethi athi Wayenjalo. Wathi, “Hlolani imiBhalo; kuYo nithi ninokuPhila okuPhakade. YiYo efakaza ngaMi. Uma Ngingenzi imisebenzi kaBaba waMi, ningaNgikhholwa. Kodwa nakuba ningenakuNgikhholwa, yenzani i. . . kholwani imisebenzi eNgiyenzile.”

²⁴⁵ Bathi, “Obaba bethu badla imana ehlane iminyaka engamashumi amane. Siyazi lapho esikhona.”

²⁴⁶ Wathi, “Futhi bonke bafile,” lokho ngukuthi, bahlukaniswe Phakade. Bonke bafa. Kwakukhona abathathu kuphela, ababili abaphuma esigidini, izigidi ezimbili. Okungukuthi munye esigidini.

²⁴⁷ Ngani, umjovo, isidoda esivela eduneni nesikazi, ngokuvamisile kukhona iqanda elilodwa elinokuzaleka. Kukhona iqanda elilodwa, imbewana eyodwa enokuzaleka, senake nakubona ukubhastelisa ezinkomeni. Qaphelani. *Lapha* nga—ngamaqanda ayisigidi; *lapha* yizimbewana eziyisigidi; futhi uma zi—zikhishwa, ukuba ziqoqane esizalweni, ziphuma ngeshubhu futhi zingene esizalweni, ziyahlangana. Eyodwa yazo ngamaqanda. Amaqanda ayisigidi; izimbewana eziyisigidi. Linye kuphela iqanda phakathi lapho elinokuzaleka. Yinye kuphela imbewana enokuzaleka. Zonke ziyaphila. Ungawabhekisisa lawomankonyane amancane ehamba eshaya phakathi lapho, ichashaza obungalibeka othini lometshiso.

²⁴⁸ NoDemos nabo ulalele kulobubusuku, futhi uyakhumbula ngenkathi sizithatha. Wangehlisela lapho, wangikhombisa ukuthi lokho kwakusebenza kanjani. Izingilazana ezingumbobho ezivuleke nganhlaye zokuhlola uketshezi, bese nje ufake okwenele ongakubeka esihlokweni sometshiso. Kwakuyizinkulungwane zamankonyane amancane nezinkunzi phakathi lapho, kodwa yinye kuphela yazo engaphila. Yinye kuphela yazo! Futhi nanti ibhola elikhulu lazo, *lapha*. Futhi nizoqaphela, eyodwa iyohuquzela iphume ivela phakathi kwale *lapha*, yeqe ngaphezulu ngqo, imbewana ize *ngapha*; neqanda liyovela phakathi kwalawa amanye amaqanda *ngapha*, futhi

ayohlangana ndawonye. Futhi onke amanye awo afe. Nokho, ayaphila, kodwa ayafa.

²⁴⁹ Ngoba, kuneNto ethize, omunye wenza *lokhu* okukodwa kuzaleke, futhi wamisela *lokhu* okukodwa, futhi. Ngukumiselwa ngaphambili, mfowethu. Impela. UNkulunkulu uzonquma ukuthi ngabe kuzoba ngumfana noma intombazane, onekhanda elibomvu, ikhanda elimnyama, kumbe noma ngabe kuyini. Kunqunyelwa nguNkulunkulu. Kuyimfihlakalo kakhulu kunokuzala kwentombi, kimi. Kodwa, qaphelani, konke okunye kwakho kuyafa.

²⁵⁰ Kwakunabantu abayizigidi ezimbili abaphumayo, bacula, bamemeza, benze yonke into. Bakhuluma nge... bengakaze bakhulume ngezilimi. Kodwa bamemeza, futhi—futhi banika uNkulunkulu udumo, futhi basina phansi phezulu olwandle, futhi benze yonke into bonke abanye babo abayenza, kodwa babebabili kuphela abangena ezweni elithenjisiwe. UKalebi wangena, uKalebi noJoshuwa, ababili kuphela. Lowo ngoyedwa esigidini. Ngoyedwa esigidini ekuzaleni kwemvelo. Bonke babenesibusiso esifanayo.

O, nina maPentecostal, ngiyethemba aniphaphami sekwedlule isikhathi kakhulu.

²⁵¹ Oyedwa esigidini. Bukani. Kufanele kube namakhulu amahlanu ezigidi zababizwa ngamaKristu ezweni namhlanje. Uma uJesu ebengafika, bekungaba ngamakhulu amahlanu kuphela ahamba naYe, ngaleyonkathi, uma lesosibalo singaba yiqiniso. Ngani, kunabangaphezu kwalokho abaswelekayo nsuku zonke, emhlabeni wonke. Abazi lutho ngakho.

²⁵² “‘Ngiyaqonda,’ kwasho ababhali, ‘niyakwazi lokho...’ Basholoni ababhali ukuthi—ukuthi, ‘UEliyase umele ukufika kuqala?’” Basho kuJesu.

²⁵³ Wathi, “UEliyase usevele ufikile futhi anikwazanga.” Niyabo? Wenza khona impela nje imiBhalo eyathi kwakuzokwenzeka kuYe. Niyabo? “Kanjalo nga iNdodana yomuntu ihlupheka. Phansi...” AbaYiqondanga. Nokho, bonke babesebandleni. Bonke babezisho ukuthi bayaphila.

²⁵⁴ Futhi dedela owangempela, umKristu ozelwe ngokusha, inceku kaNkulunkulu yangempela, izwe leloZwi likaNkulunkulu, iyophuma ngqo idabule onke amahlelo, ize kulowo mhlabathi ovundile ngempela, ngeZwi, umhlabathi wokukhulela imbewu. Iyokwenza nje. Angazi ukuthi ikwenza kanjani. UNkulunkulu ukumisele ukuba kwenziwe.

²⁵⁵ Wakhohliswa ekuqaleni, ngomshado wakho wokuqala. Manje usuyakwazi okuyiqiniso. Njengoba ngishilo nje, ukhozi oluncane ngenkathi luzwa iPhimbo loMyeni, lwaya kuLo, eligcotshiwe, iZwi likaNkulunkulu eliqinisekisiwe losuku lokugcina.

256 UNowa wayeyiZwi eliqinisekisiwe losuku lwakhe. Niyakukholwa lokho na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Awu, umlayezo wakhe awuyikusebenza namhlanje.

257 UMose wayeyiZwi eliqinisekisiwe losuku lwakhe. Niyakukholwa lokho na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Akuyikulisebenzela imanje. UJesu wa . . .

258 UJohane wayeyiZwi eliqinisekisiwe. Niyakukholwa lokho na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Kwakungeke kusebenze ezinsukwini zikaJesu. Impela ngeke. Qhabo, mnumzane. “Umthetho nabaprofethi kwakukhona kwaze kwaba nguJohane; kusukela lapho, uMbuso weZulu.”

259 Abaphostoli, labo abahlela iBhayibheli. Nakhu kuphuma uLuther, enguqukweni, amazwi akhe, lokho, ibandla lakhe, akuyikusebenza namhlanje. OkukaWesley akuyikusebenza. OkwePentecostal akuyikusebenza. Kwasebenza osukwini lwabo.

260 Kodwa ngoluny’usuku. Lokhu ngukuvulwa kweziMpawu eziyisiKhombisa. Ngiyazi Kuzwakala kuxakile kini, kodwa uNkulunkulu ukuqinisekise ngokupheleleyo kakhulu. Akukho—akukho mbuzo kuKho. Ngokupheleleyo nje! Angikusabalalisi lokho ebandleni lendawo lapha. Ngikhuluma kubantu phandle esizweni sonke. Niyabo? Yenzani enifisa ukukwenza.

261 Manje qaphelani iZwi eligcotshiwe losuku lwakhe, oyingxenye yalo wena, ngokumiselwa ngaphambili. Wena masinyane, njengo, wazi. Ngenkathi uzwa leLo, wazi ngokukhulu ukushesha ukuthi wawulukhozi. Waqonda futhi ukuthi wawungesiyo inkukhu yehlelo, kwasekuqaleni. Wazi ukuthi kukhona okungalungile lapho. Kukhona okungalungile, kunjalo, ngokuba uyazi ukuthi wacushwa kukho, ekuqaleni.

262 Yena, uMyeni, wasusa ihlazo lakho, “Futhi walifaka oLwandle lokuKhohlwa, ngesigezo saManzi eZwi neGazi lokuPhila.” Yilokho okwashywa yiBhayibheli. Indoda yakho yokuqala owawushade nayo, izwe; uMyeni ogcotshiwe, owakwazi phakade, ukugeze ngesigezo saManzi. Nge “bandla”? [Ibandla lithi, “Qhabo.”—Umhl.] Lokho akuzwakali kahle. Kuyezwakala na? [“Qhabo.”] Ungahle ukuthole lokho kwi almanaki, kodwa hhayi eBhayibheli likaNkulunkulu. “Ngesigezo saManzi ngeZwi.” EZwini! Niyabo? Nge . . .

263 Nimi nilungisiswe ngokupheleleyo, njengokungathi anizange nikwenze ekuqaleni. Lona nguMlayezo wami eBandleni manje. Njengoba ni . . . njengoba siphuma emoyeni, emzuzwini nje. Nimi, uma nimi eZwini likaNkulunkulu naneZwi likaNkulunkulu, bonke o amen, onke amachashaza, onke amachashazana. Nimiphi na? Ngizama ukunitshela, hlubekani kulawomakhoba. Bese niphumela lapha okolweni, lapho eningavuthwa khona phambi kweNdodana. Ngizwa ukuza kwenhlanganisela. Nimi nipehelele, nilungisisiwe,

njengokungathi anizange nikwenze endaweni yokuqala. Haleluya!

²⁶⁴ Nikhuluma ngokubonga! Ngizizwa ngikahle kakhulu. Ngibonga kakhulu ngalokho kunanoma yini engazi ngayo.

²⁶⁵ Ningomhlophe, omsulwa, uMlobokazi ongenasono weNdodana kaNkulunkulu ophilayo. Wonke owesilisa nowesifazane ozalwa nguMoya kaNkulunkulu, futhi wagezwa eGazini likaJesu Kristu, futhi okholwa yiwowonke amaZwi kaNkulunkulu, umi sengathi awukaze wone endaweni yokuqala. Uphelele. IGazi likaJesu Kristu! Ungakwenza kanjani. . . Uma owesilisa . . .

²⁶⁶ Uma bengifanele ngife ekuseni, umuntu wathatha indawo yami, ngeke ngafela lesosono. Umuntu mumbé wathatha indawo yami.

²⁶⁷ NoJesu, iZwi, wathatha indawo yami. Uba yimi, ukuthi isoni, ukuze ngibe nguYe, iZwi. Amen. Mangibambebele ngeqiniso kuLo, hhayi ibandla. IZwi! Amen.

²⁶⁸ O, lokho kuhlangukiswa kokomoya kukaKristu neBandla laKhe manje, lapho inyama iba yiZwi, neZwi liba yinyama, libonakaliswa, liqinisekiswa. Lokho nje iBhayibheli elathi kuyokwenzeka ngalolusuku, kuyenzeka, usuku nosuku. Ngani, kuqongelela ngokushesha kakhulu phandle lapho, kulezozingwadule, nezinto zenzeka, engingeke ngisho ngakugcina. Siseduzane kokuFika kukaJesu, ukuba sihlangukiswa neBandla laKhe, lapho iZwi liba yiZwi. Ukubiza kukaMoya oNgcwele, kuhlolisisa izinhliziyi.

²⁶⁹ Nimi, ngokuphelele. Anizange none endaweni yokuqala. UNkulunkulu akazi ngisho. KusoLwandle lokuKholwa. Anizange nikwenze. Namangalelwa ngakho, ngummangaleli. Kodwa ngempela, kusukela ekuqaleni, namiselwa ngaphambili ukuba yindodana nendodakazi kaNkulunkulu. Nimi lapho, nigeziwe. Nencwadi yenu endala yesahlukaniso isilahliwe, futhi ifile, ayisekho ngokoqobo, ngisho nasemqondweni kaNkulunkulu.

²⁷⁰ NinguMlobokazi kaKristu omsulwa, nigezwe eGazini likaKristu. Eyigugu, emsulwa, iNdodana kaNkulunkulu engenasono imi nomhlophe, uMlobokazi-Zwi omsulwa Amgeze ngaManzi eGazi laKhe uQobo; oba yinyama futhi wabonakaliswa, ukuze Anithathe enanimiselwe ngaphambili esifubeni sikaBaba, ngaphambi kokuqala, ofanayo njengoba Wayenjalo. Wayeyileyongxenye kaNkulunkulu enkulu engahlukaniseki, ebizwa ngo “thando.”

²⁷¹ Noma ngabe niyini, niyizinceku zikaNkulunkulu, noma ngabe yini uNkulunkulu afuna niyenze, lapho indawo yenu ekhona. “UNkulunkulu umisile eBandleni, abanye abaphostoli, abaprofethi, abafundisi, abelusi. . .” Umise lokho ngegunya

lokumisela ngaphambili kwaKhe uQobo. Futhi naniyilokho, kwasekuqaleni.

²⁷² Umshado wenu wokuqala wachithwa. Wenziwa njalo. Anizange nikwenze, endaweni yokuqala. Ngoba, yinye kuphela into eyayingakwenza, lokho kwakungaba nguNkulunkulu ehla, qobo lwaKhe, futhi wathatha indawo yenu ngesimo seNdodana kaNkulunkulu, uJesu Kristu, futhi wanigeza ngaManzi, esigezo saManzi ngeZwi. IZwi; hhayi ihlelo! IZwi lanigeza. Kodwa uma ningayikuma eManzini eZwi, nizogezwa kanjani na? Nisalokhu ninamabala njengoba uEva wayenjalo.

O, Wundlu elifayo elithandekayo, iGazi laKho
 eliyigugu
 ALisoze laphela amandla,
 Kuze kuthi lonke iBandla likaNkulunkulu
 elihlengiwe
 Lisindiswe ukuba lingabe lisona.

²⁷³ Yini isono na? *Isono* nguku “ngakholwa.” Ukungakholwa e (ini?) Zwini; ukungakholwa kuNkulunkulu, okuyiZwi.

²⁷⁴ Nimhlophe, nimsulwa; o, haleluya; nisuka masinya niya ezibhakabhakeni; amen; nimi nilungele. Cabangani. Izingubo zenu, zigezwe ngaManzi eZwi elophayo! IZwi liba yiGazi. IZwi lophela nina, futhi nigezwe eZwini elophayo. IZwi, lopho! UkuPhila kukaNkulunkulu eZwini, neZwi lophela nina, ukuze nigezwe ekungcoleni kwalezizifebe, futhi nihlanzwe futhi ningcweliswa ngesigezo saManzi eZwi, futhi enze ingqondo yenu nenhliziyi kuhlale kuNkulunkulu naseZwini laKhe.

²⁷⁵ Manje, nazi kanjani ukuthi Liqinisile na? Nxa uNkulunkulu ehla futhi aLiqinisekise futhi afakazise.

²⁷⁶ Wena uthi, “Awu, angiLikhohlwanga ngaleyondlela.” AbaLikhohlwanga ngendlela kaJesu, kodwa uNkulunkulu waLifakazisa. AbaLikhohlwanga ngendlela kaNowa. AbaLikhohlwanga ngendlela kaMose. Babevuma ukuthatha izwi likaBalami ngaLo, “Sonke siyafana, ngakho masihlangane ndawonye nje.”

“Zahlukanise,” iBhayibheli lathi, “ekungakholweni.”

²⁷⁷ Haleluya! Manje qaphelani. Anisikho lokho kuphela, kodwa niya eMshadweni esibhakabhakeni. Futhi nifake ibhande lomshado lomiselwe ngaphambili, umusa ongasifanele, ibhande lomshado lomusa onganifanele nina uqobo. Kwenziwa nguNkulunkulu, qobo lwaKhe. Wanazi ngaphambi kokusekelwa kwezwe, ngakho Wathi nyelele wanifaka ibhande lomshado Lapho, wafaka igama lenu eNcwadini. Ukubonga okunje pho! Haleluya! Akadunywisiwe uNkulunkulu wethu!

²⁷⁸ Manje, sengivala, ngingasho lokhu. Sonke siyazi ukuthi ibandla lesimodeni, iPentecostal, esimweni salo samanje. . . onke amahlelo kanye kanye, ngizowaphosa onke enyandeni eyodwa,

ngoba ayiyo. Khumbulani, Uzobopha ukhula lube yinyanda, kuqala, futhi alushise. Athathe i . . . Uthatha zonke izinhlanga zikakolo futhi akushise konke, kuqala; bese-ke Ethatha, afike futhi athole ukolo waKhe bese ewuyisa eKhaya. Bonke babuthelwa enyandeni, inyanda yamaMethodisti, amaBaptisti, amaPentecostal, onke aya eMkhandlwini weNkolo yonke yobukristu. Yilokho kuphela. Bayashiswa bonke. Niyabo?

²⁷⁹ Sonke siyazi ukuthi ibandla lesimodeni, esimweni salo samanje nesimo salo samanje, alikho esimweni ukuba liqede nya ukuthunywwa okukhulu uNkulunkulu akunika iBandla lalolusuku. Mangaki iPentecostal engathi “amen” kulokho na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Kunjalo. Niyabo? Lise . . .

²⁸⁰ Singokamunye, okambili, okamthathu, *lokhu*, *lokho*, *okunye*, ukuqophisana, ukulwa. Omunye uyilokhu, nomunye uyilokho, nomunye. Nabo bonke babo, bayesaba ukubhekana neZwi, kwehlele ngqo ekuvivinyweni. Niyabo? Bayazi. Batshele ngaLo; bathi, “Akukho engi—ngingakwenza ngalo. Ngeke ngalikholwa leLo. Angikhathali ukuthi wenzani. Ngi . . .” Niyabo? Niyabo? Niyabo? Kukhombisa ukuthi umama muni nobaba onabo. “Ungahle ube yigosa lombuso ngolunye usuku. Ungahle ube yilokhu, lokho, noma okunye.” Kungcono ube yindodana kaNkulunkulu.

²⁸¹ Manje, siyazi ukuthi ibandla belingeke, ibandla lePentecostal, nhlobo, nhlobo, likwazi ukuthwala uMlayezo wosuku lokugcina, esimweni salo samanje. Belingakwenza na? [Ibandla lithi, “Qhabo.”—Umhl.] Ngani, ngeke lavumelana ngisho nelilodwa noma amaZwi amabili eBhayibhelini. Uzokwenza kanjani na? Lingeke lakwenza. Ngakho, niyabo, ihlelo liphumile. Kunjalo.

Kuzoba ngabantu abakhethiwe okhethelwe khona. Niyabo?

²⁸² Niyazi, futhi kanjalo sonke siyazi, ukuthi sonke isikhundla sokwamahlelo, iPentecostal nawo onke, afile, okungukuthi, kumKristu ozelwe ngokusha woMlayezo. Ehhe. Indoda yakho yokuqala ifile. Uyazi ifile. UNkulunkulu waliyekela ife. Liphelile. Konke okwesayense yalo, isihlakaniphi, okwemfundo, izindlela zesayense zalokho okubizwa ngamaBhayibheli-zikole alo nezinto kubhubhile. Lenzeni na? Lehlukana, okamunye *lapha*, naboziqo zintathu *lapha*, nokambili *lapha*, nangapha, naphansi *lapha*, futhi inxovanxova nje, futhi azibiza ngamaPentecostal.

²⁸³ Ngani, ngaya ensizweni, ngolunye usuku; ilalele ngqo, khona manje. Nentombi, yayingeyebandla elithize. Yathi . . . ngathi . . . Behlukana. Ngathi, “Yini ndaba na?”

Yathi, “Siyinkolo ehlukeni.”

Ngathi, “O, ngiyaxolisa. UyiKatolika na?”

284 Yathi, “Qhabo.” Yangitshela ibandla lehlelo eyayisonta kulo, iPentecostal.

285 Ngathi, “Wena uyini na?” IyiPentecostal, nayo, kodwa elinye ihlelo. O!

286 Niyazi, ibandla eliRoma Katolika lasuka laqala, liyiPentecostal na? Bangaki owaziyo ukuthi lokho kuqinisile na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Kulithathe iminyaka eyizinkulungwane ezimbili ukufika lapho eselifike khona manje, nje alisathathi lutho okomBhalo. Lutho. Ngani, iPentecostal, eminyakeni engamashumi amabili kusuka manje, lizoba libi kakhulu kunoma beyikho manje, lilokhu liqhubeka ngendlela eliyiyo manje. Ngani, impela. Niyabo? Kuyini na? Kuyini na? Bukani ukuthi ubaba wawo nomama uyini. Avumela abesifazane bawo bagunde izinwele zabo. Bangenza cishe noma yini abafuna ukuyenza. “Inqobo nje uma bengabalelibandla, yilokho kuphela okudingekayo.”

287 O, akumangalisi, akumangalisi ukulahla kukaNkulunkulu kunqwabelana phezulu! UNkulunkulu uLibeka phambi kwamehlo enu ngqo futhi nivala amehlo enu futhi nehluleke ukuLibuka. Ya. Nivala izibilini zenu zozwelo, uma nibona iZwi likaNkulunkulu leqiniso naleziziMpawu eziyisiKhombisa ziqinisekiswa futhi zifakaziswa ukuthi zinjalo. Nofakazi emazulwini, ezizweni zonke nakuzo zonke ezinye izindawo, ngezibonakaliso ezinkulu nezimanga Athembisa ukuthi Uyozena, khona-ke niyavala, nithi, “A—angazi. Akukho engi—ungakwenza ngakho. Ngi. . .” Niyabo? O, he! Lifile, futhi alikwazi. Izone neziphambeko! Nifile. O, he!

288 Sonke siyazi ukuthi ibandla kulesosimo belingeke laqeda lolusuku lokugcina. Belingamngenisakanjani uMalaki 4 na? Belingakwenza kanjani na? Abakholelwa ngisho nasentweni enjengaleyo. Belingakholwa kanjani, lingenise uLuka 17:30 na? Belingayingenisakanjani yonke lena eminye imiBhalo othenjisiwe lolusuku lokugcina na? Belingeke lakwenza, ngoba liyaWuphika. “Njengoba kwenzeka emihleni kaLoti, kuyakubanjalo ekuFikeni kweNdodana yomuntu.”

289 Bukani isimo, uLoti, leloSodoma elalikuso, ngalolosuku. Bukani, isimo sebandla osukwini. Bukani ukuthi kwenzekani kuAbrahama, okhethiwe.

290 Bukani ukuthi kwenzekani kuLoti nabo ezansi eSodoma. Bukani uBilly Graham no Oral Roberts, bona enzansi lapho phakathi kwalawo ihlelo. Bukani iBandla likaAbrahama elikhethiwe, lahoshwa.

291 Bukani ukuthi hloboluni lwesibonakaliso, uJesu qobo lwaKhe, uNkulunkulu ongene emzimbeni wobuntu emi lapho esenyameni yomuntu. Wena uthi, “Leyo kwakuyiNgelosi.” IBhayibheli lathi KwakunguNkulunkulu.

292 INkosi uNkulunkulu, uElohim, emi lapho esenyameni yomuntu, ekhombisa ukuthi Uyogcoba iBandla laKhe kanjalo ngezinsuku zokugcina. Kuyoba nguNkulunkulu esebenza enyameni yomuntu futhi. “Njengoba kwenzeka emihleni yaseSodoma, kuyakubanjalo ekuFikeni kweNdodana yomuntu.” Uhlobo olufanayo lwento. Bayakubona khona lapho emiBhalweni. “Fundani i . . . Hlolani imiBhalo, ngokuba kuYo nithi ninokuPhila okuPhakade.” Futhi YiYo efakaza ngaLokhu. Niyabo? Niyabo?

293 Ngakho siyazi afile. UNkulunkulu uliyeka life ekuzidleni kwalo uqobo, olwesayense, uhlelo lwemfundo.

294 Onke amaPentecostal ayevamise ukukhuluma ngo—ngokuthumela umntwanyana wawo aye le eBhayibheli-sikole, emuva ngenkathi uMfowethu Loyate omdala, bona wayengapha, futhi babekuxosha uphume ebandleni. “Kodwa, o, manje sekuyinto enkulu kunazo zonke. Indodana yami ile eBhayibheli-sikole.” Imba ingewaba layo. Ngakho, manje, nicabanga ukuthi bebengaLithatha, namhlanje na?

295 Nicabanga ukuthi ngizama ukusekela ukungazi na? Anginjalo. Nginitshela ukuthi kunomehluko phakathi kwalonyaka wokuhlakanipha esiphila kuwo, lapho ibandla likhulelwe isayense nakho konke lokhu okubizwa ngokuthi “okufanekisiwe” nayo yonke into. Awumfanekisi uNkulunkulu.

296 Awu, labo—labobapristi uNkulunkulu babemfanekise ngokuphelele kakhulu. Babazi ukuthi uMesiya wayezofika kanjani, kodwa Ufika ngokwehluke kakhulu kulokho ababekufanekisile. Kwakungesikho okwesayense. “Wayengakwenza kanjani loMuntu, enguMntwana ozalwe ngaphandle komshado na? Waya kusiphi isikole na? Yavelaphi imfundo yaKhe na? Wakutholaphi lokhu ukufunda na?”

297 “Ngani, Uzama ukufundisa thina na? Uzalwe ngokuhlobonga.” Niyabo? O, bakithi!

298 Niyayibona into efanayo iphinda futhi na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Niyayibona iphinda futhi na? Konke kwiwisayense yabo yezenkolo, isayense yezenkolo ngokwalokho iBhayibheli-sikole yabo eyakusho, yileyondlela abaKufuna ngayo. “Yileyondlela oKuzofanele kube ngayo, kungenjalo aKusikho.”

299 UNkulunkulu nje uyabalutha, ngaso sonke isikhathi. Njalo kufika ngokwehlukile. Kwenza ngesikhathi sikaNowa; kwenza ngesikhathi sikaMose; kwenza ngesikhathi sikaKristu; kwenza ngesikhathi sikaJohane; kwenza ngesikhathi sabafundi; kwenza ngesikhathi sikaWesley; kwenza ngesikhathi sikaLuther; kwenza ngesikhathi samaPentecostal; futhi kwenzile kanjalo futhi. Akuyishintshi iphethini yaKho. Njalo kufika into efanayo. Abaguquli kuphela ngaleyo eyisikhombisa . . . iminyaka

eyisithupha, kuze kube ngowesikhombisa. NeSambulo 10 sasho, ngalelihora kuyoshintsha. Futhi kwenzile.

³⁰⁰ Manje siyavala, ngokusho lokhu. Ukuqedela ukuthunywa okukhulu, ayengakwenza kanjani na? Siyazi afile. UNkulunkulu uliyeka life kulonyaka wesayense, konke okwalo, ukuze—ukuze Ezo (enzeni na?) vula nge imfihlakalo yeziMpawu eziyisiKhombisa kuMlobokazi ongesuye owehlelo. Ihlelo lingazemukela kanjani lezoziMpawu eziyisiKhombisa, lube Luphambene ngokoqobo, inzalo yenyoka nazozonke lezo ezinye izinto na? Zonke, izimfihlakalo eziyisikhombisa ezigcwele ziphambene nalokho afundiswe khona, ngoba athatha isikole esidala eBhayibheli-sikole sawo.

³⁰¹ NeziMpawu eziyisiKhombisa zikaNkulunkulu, ngenkathi Luvulwa lapho entabeni: akube uNkulunkulu, qhabo, angife khona manje kulelipulpiti uma Lokho kungesilo iQiniso. Futhi nganitshela ngaphambili, unyaka nezinyanga eziyisithupha ngaphambi kokuba kwenzeka, Angitshela khona, “Yana eArizona,” nokwakuzokwenzeka phandle lapho ogwadule. Futhi kunamadoda ahlezi khona lapha, kulobubusuku, yayimi khona lapho futhi ikhona ngenkathi iziNgelosi eziyisikhombisa zehla. Futhi ngisho ne mag-... Iphephabhuku, iphephabhuku *iLife*, yayiphethe udatshana lwaKho. Kukhona lapho ekuhlolweni, nayo yonke into. Manje abazi ngisho nokuthi Kumayelana nani konke.

³⁰² Futhi yonke into ishiwo, o, ngisho nasekubhujisweni kweCalifornia, okuqubukayo manje, nazozonke lezi ezinye izinto. Nokuthi ngabatshela kanjani ukuthi yizinsuku ezingaki okwakuyoba ngazo, ukuthi kwakuyoba kanjani lapho lokhu kuzamazama okukhulu komhlaba okwenzeka eAlaska, nalokho kwakuyoba ukuqala kwesibonakaliso sesikhathi, nokuthi kwakuzokwenzekani. Futhi nje izwi ngezwi, Okwakusho, akukaze kwehluleke nakanye. Anikaze niKubone kwehluleka. Futhi ngeke Kwehluleka, ngoba KungamaZwi kaNkulunkulu. “Futhi kodlula amaZulu nomhlaba, kodwa ngeke Kwehluleka.” Kunjalo.

³⁰³ UNkulunkulu wadingeka avule nge lezoziMpawu eziyisiKhombisa, hhayi ehlelweni. Bengihlala njalo ngiphambene nalo. Kodwa, ehlelweni, Angahle athathe uMlobokazi, hhayi umlobokazi wehlelo. Ubengeke akwenze. Liphambene neZwi laKhe uQobo. Wavula lezozimfihlakalo eziyisikhombisa phakathi lapho. Lokho kuyakhombisa, kuveza lezozinto ebifihliwe selokhu kwasekelwa umhlaba, ukuze kwembulwe ezinsukwini zokugcina, emadodaneni kaNkulunkulu. Akuveza Lokho manje phambi kwabantu, ukuthi bayaKubona, lapho, nina manje, kuloMlobokazi ongesiye owehlelo. O, he!

304 Nazo izincwadi zenu ezimbili. Enye yazo yiNcwadi yokuPhila yeWundlu. Igama lakho Lapho limiselwe ngaphambili Lapho. Lingeke lahamba, ngoba ungeke usakususa lokho kunalutho, uyabo, ngoba laziwa phakade ukuba libe Lapho. Kodwa incwadi yokuphila yanjalonjalo, ingalisusa lelo noma ngasiphi isikhathi. Niyabo? Awuphenduki, liyasuka, noma kanjani, ngoba uzomela ukwaHlulelwa. UMlobokazi akakumeli ngisho ukwaHlulelwa; uhamba angene oHlwithweni. Nje njenge. . .

305 Ngisho lokhu, sengivala. Kubaleyithi, ngakho. . .selicishe impela ligamanxe elesishiyagalolunye. Futhi sizophuma lapha ligamenxe elesishiyagalolunye, iNkosi ithanda. Hloniphani ngokuzithoba ngempela nje manje, lalelani. Ngesinye isikhathi. . .

306 Ngisho lokhu manje, lokhu kuya esizweni sonke. ENew York, manje yimizuzu engamashumi amabili-nanhlanu emva kweleshumi nanye. Enhla le ePhiladelphia nangokuzungeza wedule lapho, labo abangwele abathandekayo behlezi lapho belalele, khona manje, emabandleni macala onke. Enhla le, ezansi le kuzungeze iMexico, kwenyuke njalo kuzungeze iCanada namacala onke, kunqamule. Amamayela angamakhulu amabili, nomaphi phakathi nezwekazi laseNyakatho Melika lapha, cishe impela, abantu ukulo, balalele khona manje. Izinkulungwane eziphindwe kazinkulungwane, zilalele.

307 Nalowo nguMlayezo wami kini, Bandla, nina eningukuhlanganiswa, ukuhlanganiswa kokomoya ngeZwi, ukuthi nifile kulamadoda amadala. Nizelwe ngokusha. Ningazami ukuyimba. Ifile. Uma ungumKristu ozelwe ngokusha, leyombewana encane eyamiselwa ngaphambili kuwe, yiZwi liza phezu kweZwi, phezu kweZwi, phezu kweZwi, phezu kweZwi, futhi lingena emumweni ogcwele kaKristu, kunjalo, ukuze Akwazi ukuza athathe uMlobokazi waKhe. Manje sesilungele nje into eyodwa, lokho ngukuFika kweNkosi.

308 Nanto igama lakho eNcwadini yokuPhila. INcwadi yokuPhila yiZwi likaNkulunkulu, ngoba iZwi linguNkulunkulu, noNkulunkulu yiyonanto kuphela engukuPhila. Ngakho igama lakho lamelwa eBhayibhelini ngaphambi kokuba iBhayibheli libe seZwini. Futhi uma ulapha ukuba wenze lokho, aLiyikuqinisekisa leloZwi na? [Tbandla lithi, "Amen."—Umhl.] IBandla aliyikuZiqinisekisa na? Akayikukwenza yini uMalaki 4, nazo zonke lezi ezinye izinto, ngokuphelele, ngokuphelele aZiqinisekise futhi akhombise ukuthi Lokho Kuyini na? ["Amen."]

309 Ngenkathi uJesu efika, Wathi, "Uma Ngingenzi imisebenzi owawuthenjiselwe Mina ukuba ngiwenze, ningaNgikholwa." Yiliphi elilodwa lamaqembu Alijoyina na? Wathi, "Bonke

ba . . . Ningabakayihlo, uDeveli, futhi nenza imisebenzi yakhe.” Niyabo? Niyabo?

310 Sisezinsukwini zokugcina, Bandla. Lowo nguMlayezo wami wokubonga kini.

311 Manje, ngaphambi kokuvala. Ngesinye isikhathi ngangisenhla eGlacier National Park. Sasizwile, usuku lonke gulukunqu, ukuthi babene—babenokwehla . . . umlilo wesikhukhula esehluka ezintabeni owawuzokwehla ebusuku. Ngakho abantu wayematasatasa, usuku lonke gulukunqu, belungiselela leyonto, ngoba babezothulula lowomlilo, ngalobobusuku. Babeka ukwehla komlilo wokusaketshezi, njengesikhukhula esikhulu seqhwa esehluka ezintabeni samanzi. Kodwa ku . . . Kwakubukeka kunjengothingo lwenkosikazi, cishe impela, ngenkathi kuphuma, okwalowomlilo wehla uphuma kulesisikhukhula esehluka ezintabeni. Macala onke epaki, unkosikazi nami, nabantwana, sahambahamba usuku lonke. Sasifuna ukuhlala, ukuba sibone lowombukiso womlilo. Ngakho se—se—sethenjiswa ukuthi sasizowubona, futhi sasizophinde sizibonele wona. Bathi banawo njalonjalo ngezinkathi zonyaka zasehlobo nokunye nokunye. Ngathi, “Awu, sizokwazi ukuwubona na?”

312 Bathi, “Siwethembisile kulobubusuku. Sithenjiswa lokho.” Bathi, “Baphezulu lapho bew lungiselela manje.”

313 Emva kokuba konke sekwenziwe kwalungiselelwa isehlakalo! Yilokho okwenzeka khona manje. Konke kwenziwa kulungiselelwa isehlakalo, iBandla lihoshwa ngenxa yeGama laKhe, ekhipha uMlobokazi waKhe phakathi kwezwe, lamahlelo nalolonke izwe, nokungcola nezinto zezwe.

314 Wonke umuntu; ishlakalo salungiselelwa. Wonke umuntu wayemi phandle. Bathi, “Manje qhubekani nibhekisisa, phezulu ngqo esicongweni sentaba lapho.”

315 Yileyondlela oKufika ngayo njalo. Yileyondlela oKuzofika ngayo ngalesisikhathi. Yileyondlela oKufika ngayo njalo. Hhayi ngehlelo! Akazange uNkulunkulu asebenzise ihlelo, akazange!

316 Umguquli uyaphuma, uthola iZwi leNkosi. Bese kuthi-ke uma efa, bakha ihlelo ngakho. Yilokho amaPentecostal nabobonke abakwenza. Nxa izindaba-mlonyeni ezintsha nayo yonke into, yileyondlela nje, yileyondlela into ephuma ngayo. Izwi elisha lenezelwe, bese-ke bakha ibandla ngalo, benza ihlelo, bazehlukana. Kwadingeka kube ngaleyondlela.

317 Manje, ungeke wehlula—ungeke wehlula imvelo. Imvelo yehla ngemidanti yomsebenzi ngokulandelana kwayo okufanayo, ngaso sonke isikhathi: uhlanga, iqabunga, intshakaza, nokunye nokunye, ikhoba, bese-ke kuba ngukolo.

318 Manje qaphelani. Konke kwase kulungiselelwe. Yonke into yase yokhelwe futhi yalungiselelwa. Nawo wonke umuntu

wayemi phandle. Ngangilimise mpo ikhanda lami; ingalo yami igaxe umkami. Sasibuka. Nabantwana bemi lapho, sonke sibuka phezulu, kanjalo. He! Kwakuyinto ethize, ngoba sasiyibhekile. Sethenjiswa yona.

³¹⁹ Amen! IZwi lethembisa Lokhu. “Kuyakuthi, ngaphambi kosuku olukhulu nolwesabekayo lweNkosi oluyakufika, bhekani, Ngiyakuthuma kini uElija umprofethi. Uyakuphendula izinhliziyo zabantwana zibuyele koyise.”...?... “Kuyakuthi ngezinsuku zokugcina, Ngiyakuthulula uMoya waMi ovela Phezulu.” “Imvula yokuqala neyamuva iyakuhlangana ngosuku lokugcina.” Zonke lezizithembiso, emiBhalweni, kunikeziwe. Sibuka phezulu. Sibhekisisa uMlobokazi weqiniso esizweni sonke ngalelihora, sibuka phezulu. Bandla, Uyeza, ngolunye lwalezizinsuku. Ngokuqiniseke impela nje njengoba Efika esikhathini sokuqala, Uyeza futhi. Lungiselelani yonke into. Zehlukanise nekhoba. Zeneke phambi kweNdodana. Qhubeka ubuke phezulu. Yiba sethembeni.

³²⁰ Khona manjalo, sezwa into ethize evela esicongweni segquma, iphimbo lehla ngombhobho, lathi, “Zonke izinto sezimi ngomumo.”

³²¹ Kwase kuthi-ke lendoda, emi khona lapho eceleni kwami, yathi, “Makwehle umlilo.” Nanku uza, uthululeka phansi unamula kuleyontaba, isikhukhula esehluka ezintabeni somlilo namalangabi likhotha, ukubuka kokubhekwa.

³²² Mfowethu, asilungiselele zonke izinto, ngokuba ngolunye lwalezizinsuku uMlilo uzokwehla. Siyenyuka. Manje masilungiselele isikhathi sokwehla koMlilo. Sisezinsukwini zokugcina, sonke siyakwazi lokho, futhi silungele ukuFika kweNkosi. Into yokuba yenziwe ngokuba uzehlukanise nasosonke isono. Zehlukanise nanoma yini ephathelene nezwe. “Ningalithandi izwe noma izinto zezwe.”

³²³ “Ungavumeli-muntu, ngesivumokholo sakhe, akukhohlise.” Hlala uqonde ngqo esithembisweni sikaNkulunkulu, iZwi likaNkulunkulu. NaleloZwi, uma LiyiZwi lalolusuku, uNkulunkulu eLiqinisekisa ukuthi linjalo. Uma Engaliqinisekisi, alisilo iZwi lalolusuku.

³²⁴ IZwi elehla ngoSuku lwePhentekoste alizukusebenza ngalolusuku. Qhabo, mnumzane. Lelo lalingelePhentekoste. Leli ngeloMlobokazi, ukuya eKhaya koMlobokazi. Sinento ethize ehlukele. AmaPentecostal ayemele lokho, futhi. Sisonyakeni woMlobokazi. Akungaphezu kokuba i—iZwi likaNowa laliyosebenza ezinsukwini zikaMose; akungaphezu kokuthi uMthetho kaMose wawuyosebenza ngesikhathi sikaPawulu lapha. Wazama ukubatshela, “Nifile kulokho, futhi ningeke naba nalokho.”

³²⁵ Bandla, nina engikhuluma kini, kulobubusuku, esizweni sonke, uma—uma uzehlukanisile nehlelo nakho

konke ukungcola nezinto zalezizwe, nazozonke lezozinto ezikugcina usezivumwenikholo ezenziwe ngumuntu nezinqubo nezinto ezinjalo, uzehlukanisile: Buka phezulu. Lungela. Umlilo uzokwehla, ngolunye lwalezizinsuku. UNkulunkulu uzoMfikisa, nokubuka kokubhekwa. Ungakulungela uma Efika na? Ungakulungela ukwenyuka naYe uma Efika na? Uhlwithe oluyimfihlo loMlobokazi ongaphezu kwemvelo, “Uyokwenziwa mor-...esuka kokufayo eya ekungafini; aguqulwe, ngesikhashana, ngokuphazima kweso. Thina esisekhona sisasele asiyikubandulela abaleleyo.”

³²⁶ Ngolunye usuku, uSuku lukaArmistice, ngangimi ezansi lapho eTucson. Umfana wami omncane wayefuna ukubona umviliyelo. Ngangitadisha, futhi ngangingenaso isikhathi sokukwenza. Futhi nganginenqwaba yezingcingo zabagulayo nezinto. Ngakho wathi, “Babayi, ngeke bangithathe.” Wathi, “Ngithathe.”

³²⁷ Ngathi, “Kulungile.” UMfowethu Simpson, ngicabanga ukuthi ulapha; nomfana wakhe omncane wayefuna ukuhamba. Ngakho ngabahluthulela emotweni ngase ngigijima ngehla.

³²⁸ Ngama lapho ekhoni ngase ngibukela. Futhi emva kwesikhashana, ngezwa, emuva le ebangeni, imvunge iza, “dum, dum,” izigubhu, zikhala. Ngama lapho. Ngacabanga, “Awu, lababafo abancane, ngempela bazifunda zonke lezizincwadi ngombutho. Bazokuthanda ngempela lokho.” Ngaqaphela, ukwenyuka kuqala kwakuyimoto esindayo yempi endala yeMpi yoMhlaba 1. Nampo benyuka, abafa abancinyane kanjalo. Okwalandelayo lapho, emva kwalokho; kwakungokulandelayo okufikayo emva kwalokho kwakuyimoto enkulu esindayo yempi entsha yeMpi yesiBili yoMhlaba, imoto esindayo yempi isherman enkulu enodalimede wombobho kuyo. Kwase kuza elandelayo, nelandelayo, futhi emva kwesikhashana kwase kuza iGold Star Mothers.

³²⁹ Kwasekuthi-ke, emva kwesikhashana, kuza amaqhawe amadala ayishumi nambili elisele, kusosonke isifundazwe saseArizona, ayevela eMpini yokuQala yoMhlaba; amaqhawe amadala ayishumi nambili. Emva kwalokho, kuza isihlenga, isosha elingaziwa, isiphambano esimhlophe esincane. Nakho kumi itilosi, itilosi lasolwandle, nesosha, limi liqaphile; isihlukaniso esincane esihlengeni. Ngakwelinye icala kwakungumama omdala osenekhanda elimpunga, ehlezi nenkanyezi yegolide iqhaselwe kuye, inkosikazi ethandekayo encane ikhala, indoda yayo yayifile; umfana omanikiniki omncane, ikhanda lakhe libheke eceleni. Uyise wabulawa. Kwase kuthi-ke emva kwalokho kuza abanye nabanye nabanye, kwase-ke kuba sembuthweni omusha. Ngama lapho. Ukubuka okunje pho kokubhekwa, kodwa kwakudabukisa kanjani!

³³⁰ Ngacabanga, “O Nkulunkulu, ngolunye lwalezizinsuku ngizobheka okunye ukubukwa.”

³³¹ Bayovela ngosuku lokuvuka, okungukuthi, “Abokuqala bayoba ngabokugcina; abokugcina bayoba ngabokuqala.” Abaprofethi abadala bayofika bevumbuka, kuqala, futhi babona lolodwendwe luhamba, lumashela phezulu emoyeni. “Futhi thina esisekhona sisasele asiyikubandulela abaleleyo. Ngokuba icilongo likaNkulunkulu liyakukhala, abafileyo kuKristu bayakuvuka kuqala.” Siyoba semgqeni ngqo nabo singena, haleluya, kwehle njalo ngonyaka kaLuther, uWesley, iMethodisti, iPresbyterian, kwehlele njalo onyakeni wokugcina, abemukela iZwi onyakeni wabo.

UNkulunkulu anibusise. Lungiselelani zonke izinto, noMlilo uzokwehla.

³³² Asikhothamise amakhanda ethu umzuzwana nje. Angazi noma, kulezizethameli ezibonakalayo kulobubusuku, ngenkathi ngisanihlalise lapha i...kwaze kwagamanxa elesishiyagalolunye. Ngabe ukhona oyedwa lapha, ngabe likhona idazini lapha, bangaki lapha, futhi othi, “Mfowethu Branham, nginamahloni ngami, indlela engiphile ngayo. Ngilungiselele inqwaba ehlelweni nabantu. Ngiyazi ukuthi angikho emgqeni neZwi likaNkulunkulu. Ngizokucela nje ukuba ungikhulekele, Mfowethu Branham”? Phakamisa isandla sakho. UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise. Ake nibheke nje, phezulu le ezihlalweni ezisesitezi, macala onke. UNkulunkulu anibusise. “Ngiyazi. . .” Manje ningabi namahloni. Manje, ningabi nawo.

³³³ Futhi ngaphandle ngaleya, esizweni sonke, kusukela eNew York kuya eCalifornia, kusukela eCanada kuya eMexico, ninabantu obuthene kulawomabandla (lapho lawo maqembu amancane athembekile elikholwe loMlayezo ngazo zonke izinhliziyi zawo; aphumile, aphuma ekuhluphekeni okukhulu, aphuma edabula kulawomahlelo; ayizimbewana zokuPhila) niyakuzwa ukuncenga, kulobubusuku, njengokhozi oluncane, ukuthi nizwa Into ethize ehluke kancane kuleyo eniyizwile, kodwa, nokho, enhliziyweni yakho uyazi ukuthi iyiQiniso na? Wena, phakathi lapho, kunomelusi omi lapho ndawo ndawo. Uphakamise isandla sakho. Ngizokukhulekela.

³³⁴ Lezizinto ayenziwanga ekhoneni, mngani. Khumbulani, “Isango lincane nendlela iyingcingo, futhi kodwa bayingcosana abayobakhona abayoyifumana.” Ungahambi nalesosixuku esiqhubeka ngaleya, mngani, lowoNyaka weBandla laseLawodikeya. Ubungagxuma phansi phezulu, udanse phansi komnyuziki, osivivi. Akushongo ukuthi kwakubandisa okuka ayisi manje. Kwathi, “Kwakusivivi,” leyo yiPentecostal, “kanti kalazi ukuthi lingelokuhawukelwa, elilusizi, eliphuphuthekile.” Liphuphuthetheke kukuphi na? IZwi, ekubonakalisweni kweZwi;

ngoba Alizange livele ngezinhlango zabo, bangeke baLemukela.

³³⁵ Nani befundisi ezansi lapho eTucson, kulobubusuku, anginithwesi icala lalokho. UNkulunkulu uyakwenza. Ngangilapho iminyaka emithathu. Nganitshelela ukuthi ngingeqale bandla. Angizange. UMfowethu Peary Green waliqala. Ngangilapho iminyaka emithathu, futhi anikaze nakanye ningimemele epulpiti lenu. Ngahlala eTucson cishe iminyaka emithathu. UNkulunkulu uzongisusa ogwadule ngolunye lwalezizinsuku. LoMlayezo ufanele uphile. Ngazama ngawo onke amandla ami ukufinyelela kini. Ngi—ngiyasazi isizathu sokuba nikwenze. Niyezwa na? Isizathu kuphela enakwenzela sona, ihlelo lenu lalinyikahlela linikhiphe. Futhi niyazi, abaningi benu ngikhulume nabo, lapho eFurr's Restaurant, futhi niyazi ukuthi yiqiniso. Ngiyanidabukela.

³³⁶ Phuma kulo. Phuma lapho, mfowethu. Uma kukhona noma yikuphi ukuPhila okukuwe, uzofana nalolokhozi oluncane engisanda kukhuluma ngalo, uyozwa iZwi likaNkulunkulu. Khumbula, uzozwa Leli okokugcina, ngolunye lwalezizinsuku. Sesiseduzane ngempela manje. Ungeze, kulobubusuku na?

³³⁷ Nkulunkulu othandekayo, sihlezi ngesizotha manje, usuku lokubonga yilo ngempela, Nkosi. Nginokubonga, Nkosi, ukuphila kulolusuku. Lolu wusuku olukhulu kunazozonke. UPawulu umphostoli wakulangazelela ukubona lolusuku. Amadoda amakhulu asendulo alangazelela ukulubona. Abaprofethi balangazelela ukulubona. Babebheke lolusuku. UAbrahama wayebheke lolusuku, ngokuba wafuna umuzi OMakhi nomenzi wawo kwakunguNkulunkulu; ulenga phezu kwethu ngqo, kulobubusuku. UJohane ubone uMoya kaNkulunkulu wehla uvela eZulwini, wafakaza, wazi ukuthi leyo kwakuyiNdodana kaNkulunkulu. Futhi, cabangani manje, Ukhetha uMlobokazi waKhe.

³³⁸ Nkulunkulu othandekayo, phandle ezweni lonke ndawozonke, khuluma enhliziyweni yabo. Nguwe Wedwa kuphela ongashintsha inhliziyo yabo. Uma leyo kwakungesiyo iNzalo efakwa lapho ekuqaleni, abasoze baLibone, Nkosi. Nje ba . . . “Impumputhe iyohola impumputhe. Ziyowela emgodini,” impela nje njenganoma yini, ngoba iZwi laKho lithi ziyowela.

³³⁹ Manje, Baba, lokhu sibona ezweni lonke, emhlabeni jikelele, eAfrika, amadazini, amadazini kwedlulele eNingizimu Afrika, eMozambique, ukunqamula ezweni lonke, amabandla amancane ethatha lamateyipu. Futhi kanjalo leteyipu iyoya kwezedlule emashumini amabili, izizwe ezehlukene. Baqala ukuLibona futhi bahosheke, amakhulu ngamakhulu abo. Akuyikuthatha abaningi, Nkosi. Khona-ke lapho ilunga lokugcina selemukelwe eMzimbeni, uKristu uyofika.

³⁴⁰ Nkosi Nkulunkulu, ngicela uMlobokazi, kulobubusuku, labo engizwayo ukuthi uhoshekile futhi balindile. Kwangathi bangazehlukanisa nayo yonke into ezweni. Bafanele bazeneke eBukhoni bokuKhanya okufudumele kweNdodana kaNkulunkulu, bebhukuda eZwini laKhe, othandweni laKhe. Siphe khona, Nkulunkulu othandekayo.

³⁴¹ Kwangathi lababantu lapha, ababonakalayo, abaphakamise isandla sabo, kulobubusuku, amadazini abo ngalelitabernakele elikhulu. Ngiyakhuleka, Nkulunkulu, lokho kuPhila okusha kuzongena kubo; ngiyakukhuleka, esizweni sonke ngisho nasemhlabeni jikelele, lapho iteyipu iyodlalwa khona, ukuthi nabo bayokwemukela loMlayezo wokubonga nokwazi, ngezulekwana nezinto okuphosiwe, abafanele bakwenze. Ngiyakukhuleka, Baba. Siphe khona. Babusise. BangabaKho.

³⁴² Ngiyazi ukuthi kuyisiko manje, Baba, ukuthi sicela abantu baye ealtare. Futhi ngiyakhuleka, Nkulunkulu othandekayo, ukuthi kuzo zonke izimishini, ndawo zonke macala onke, nasezweni lonke, ukuthi bazozo ealtare: omnyama, omhlophe, ophuzi, onsundu, noma ngabe bakuphi; ocebile, ompofu, onganaki, izinxibi, noma ngabe bayini.

³⁴³ Abamahlelo, labo abahlezi ngokuzazi nangokuzazisa, O Nkulunkulu, “Abahambaze, abokuhawukelwa, abalusizi, abaphuphuthekile, kanti kabakwazi ngisho.” Wathi kuyoba ngaleyondlela, futhi kungaleyondlela.

³⁴⁴ Ngakho ngiyakhuleka, Baba, ukuthi Uzobiza yonke iNzalo, kulobubusuku. Nandawo zonke emhlabeni jikelele ukuthi kwangathi Lokhu kungehla, kwangathi Kungabamba lolokhozi oluncane olwazi iPhimbo leNkosi yalo. Siphe khona, Nkosi. Ngibanikela kuWe, eGameni likaJesu. Amen.

³⁴⁵ Manje amakhanda enu ekhotheme, lapha ezethamelini ezibonakalayo. Kuzothi abanye lapha, ongakasindiswa, ongakanikeli ngisho inhliziyi yakho kuNkulunkulu, awucabangi yini ukuthi ufanele ube nokubonga ngalokho uJesu akwenzela khona na? Ukucabanga, ukuthi uyisoni, ukuthi ungowezizwe kuNkulunkulu, futhi nokho Into ethize enhliziyweni yakho, ingqongqotha. [UMfowethu Branham ungqongqotha phezu kwepulpiti—Umhl.] Wazi kanjani ukuthi awusuye yini omunye walezozinkozi ezincane! Ungowokuhawukelwa, futhi uzoba ngowokuhawukelwa, uze uzinikele kuKho. Awukwenzi ngani lokhu kube ngokunye kokubonga okukwedlula konke osuke waba nakho, ngenkathi wemukela uJesu Kristu njengoMsindisi wakho.

³⁴⁶ Ungenyukela lapha futhi ume ealtare na? Ngizokhuleka kanye nawe uma uzoza, noma yisiphi isoni, owesilisa noma owesifazane, umfana noma intombazane, ilunga lebandla noma kungesilo ilunga lebandla. Ukuba yilunga lebandla akukwenzi ube ngumKristu manje. Ialtare livuliwe. Umgeza, noma yisiphi

isoni esingafuna ukuza, semukele iNkosi uJesu Kristu. Sithanda ngempela ukuyeka . . .

³⁴⁷ Abanye benu bamahlelo abangathanda ukuyeka ukuzondla ngalokho kudla kwezinkukhu, kokuthi, “Ungowa *leli* futhi lilungile.” Ngempela ufuna ukwazi ukuthi umbhaphathizo wangempela kaMoya oNgcwele uyini na? Woza, uthole.

³⁴⁸ Ialtare livuliwe. Silungele. Yenyuka nje ngqo, uphume—uphume esihlalweni sakho. Woza wenyuke ngqo futhi uguqe phansi lapha ealtare, lomfowethu osanda kuza nje.

³⁴⁹ “Ukubonga, O Nkulunkulu, nginokubonga kakhulu kuWe. Ukuthi, yonke impilo yami, bengazi ukuthi bekukhona into ethize, Nkosi. Angikaze ngeneliseke. Ngizamile. Nga—ngacabanga, ‘Ngonyaka ozayo, ngizokwenza. Ngeviki elizayo, ngizokwenza, ngokulandelayo ngizwa ukubizelwa ealtare. Ngizoza, ngoluny’usuku.’ Ngikubeka eceleni, futhi ngikubeka eceleni. Kodwa, Nkosi, ngiyazi kukhona okungalungile kimi. Ngizohlala njalo ngikholwa ukuthi kwakukhona okuthize okwehlukile. Futhi manje, Nkosi, kulobubusuku, nginokubonga ngokulungiselela okwenziwe iNdodana kaNkulunkulu, ukuthi izono zami, empeleni ukungakholwa kwami, kuzogezwa kususwe kimi. Ngiyeza, kulobubusuku, futhi ngiyaguqa phansi ukuba ngemukele isibusiso sokubonga esikhulu uJesu angenzela sona ngenkathi Engifela eKalvari.”

³⁵⁰ Uzoza na? Manje kunabantu abaguqe bezungeze ialtare lapha. Awusukumi ngani futhi uze na? Ubufuna ukukwenza. Ukuzamile.

³⁵¹ Cabangani nje ngoMfowethu Lyle Palmer, owethu olungileyo, umfowethu oyigugu. Wayehlezi egcekeni, ngakho ngiyaqonda, ebuka intombazane yakhe encane idlala ikrikhethe phandle lapho, noma okuthize, futhi wagebela esihlalweni futhi wafa ngaphambi kokuba enze ngisho umnyakazo. Awazi ukuthi sikhathi sini ozoshiya ngaso lapha. Awazi nje ukuthi sikhathi sini ohamba ngaso. Kungahle kube namanje, kulobubusuku, ngakho awuzi ngani futhi ukuxazulule manje na?

³⁵² Wozani, bantu. Aniyizwa yini Into ethize idluthula kini na? Ngi—ngiyazi kunabaningi benu lapha abafanele babekhona lapha ealtare, futhi laba nje abayisithupha noma abantu abayisikhombisa lapha akusuye lowo ohlezi phakathi lapha. Manje, uma ungikholwa futhi ubhekisisa lapha emsamo, izinto zenzeka, ngikholwe manje. Ngolunye usuku iphimbo lami liyothuliswa. Awusayikuphinde ulizwe. Ungahle ufise ukuthi ukuba weza.

³⁵³ Wena uthi, “Kodwa, Mfowethu Branham, kade ngiyilunga lebandla.” Lokho akwenzi mehluko ukuthi ubuyini. Kanjalo wayekade—kanjalo wayekade eyilunga lebandla noNikodemu. Wayekade enjalo noJohane, uPetru, uJakobe, uPawulu, bonke babekade bengamalunga ebandla.

³⁵⁴ UPawulu wayeyilunga lebandla kwaze kwenzeka into ethize ngobunye ubusuku, noma ngoluny'usuku kwabanjalo, futhi uyeza. Waba yilunga lebandla eselishintshile-ke, waba yindodana kaNkulunkulu. Ungeze na? O, wayeqeqeshiwe. Wayeyisihlakaniphi. Wayazi ukuthi wayeqeqeshiwe, esinye sezikole ezinkulu esasiqeqeshe kunazo zonke esasikhona, uGamaliyeli, omunye wabafundisi abakahle ukudlula bonke owayekhona ezweni. Kodwa wayazi ukuthi wayedinga into ethize.

³⁵⁵ Ungeze na? Ngiyaphinda ngiyanicela. Phakathi lapho... Lapha noma esizweni jikelele, ngiyanicela, noma ngabe nikuphi, kunoma yiliphi ibandla enikulo, ngalelihora lokubonga. Khumbulani, ngiyateyishwa lapha; hhayi lapha kuphela kodwa eZulwini.

³⁵⁶ Niyazi, kufakazelwe ngokwesayense ukuthi wonke umnyakazo owenzayo uyarekhodwa. Bayakufakazela lokho. Khumbulani, itelevishini yakufakaza lokho. Itelevishini ayi—ayisikhiqizi isithombe. Nguwe isithombe. Yedlulisa nje lokho, okwenzayo, kungene emgudwini. Ulapho, noma kanjani. Niyabo? Uma unyakazisa umunwe wakho, lowomnyakazo uya emhlabeni jikelele. Njalo uma ugqoka ilokwe, ukubukeka kwakho kuya emhlabeni jikelele. Kuserikhodini. Yonke imicabango edlula engqondweni yakho iserikhodini. Futhi suku lumbe irekhodi lizoyeka ukudlala, lizofakwa kwi albamu.

³⁵⁷ Bese kuthi-ke ekwaHlulelweni lizobuya. Lapho umi nezinwele eziphunguliwe, uzisho ukuthi ungumKristu. Lapho umi nemicabango engqondweni yakho ephambene neZwi, usengqondweni yakho ngqo. Ungeke wawufihla. Khumbula, itelevishini, isayense iyazi ngisho nokuthi lokho kuqinisile. Wena umi khona manje, wazi ukuthi ufanele ube lapha, khumbula, uma lokhu kurekhodwa. NgoSuku lokwaHlulelwa, lowomcabango ofanayo onawo uyobe ubuya ngqo wedlula emqondweni wakho futhi. Lokho kuyoba serekhodini ngqo. Umhlaba wonke uyokubona kudlalwa. Alikwenzi ngani izwe... Likubuka, ngoSuku lokwaHlulelwa, zonke iziNgelosi lapho.

³⁵⁸ “Uma unamahloni ngaMi lapha, ngenkathi isithombe sakho senziwa manje, ngoSuku lokwaHlulelwa Ngiyakuba namahloni ngawe. Ngokuba, Ngagcoba iZwi laMi, ngaLithumela kuwe. AwuLikhohlwanga. Wazicashisa emva kwento ethize.”

³⁵⁹ “O,” wena uthi, “Ngilunge ngokwenele. Ngenze *lokhu*. Ngisine eMoyeni. Ngikhulume ngezilimi.” Wenzenjalo nomhedeni. “Ngimemezile.” Wenzenjalo nomhedeni. Ungalifulathela kanjani-ke iZwi na?

Awuzi ngani?

Awuzi ngani kuYe manje?

Awuzi ngani? Awuzi ngani?

Awuzi ngani kuYe manje?

Ulindelani, mfowethu othandekayo?
 O, ulibalelani isikhathi eside kangaka?
 UJesu ulindele ukukusindisa
 Indawo eKhaya laKhe elingwelisiwe.

Zibeke elinye lamalunga oMzimba waKhe!

Awuzi ngani?

O, khozi oluncane, woza manje.

O, awuzi ngani?

³⁶⁰ Nkosi, nginokubonga. Nginokubonga kakhulu. Ukubonga kuWe, Nkosi; hhayi okokudla kwemvelo, nokho lokho. Kodwa, Nkosi, isikhathi sokuphela silapha. Nginokubonga ngalokhu uKudla kokomoya, Nkosi, uKudla kokomoya kweziMpawu eziyisiKhombisa kwethenjiswa ukuvulwa.

Wena uthi, “Lokho kuzoba yinto ethize eyehlukile.” Qhabo, qhabo.

³⁶¹ Ungenezele izwi elilodwa. Futhi uthathe... Selivele liphakathi Lapho, lifihliwe nje. Linamekwe uphawu. Bangaki okuqondayo lokho na? Thanini, “Amen.” [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Niyabo?

Wena uthi, “Awu, leyo yimfihlakalo ezovela.” O, qhabo.

³⁶² Sekuvele kunguMbhalo. Ungenezele izwi elilodwa kuLo, noma ususe elilodwa kuLo. Niyabo? Selivele liphakathi Lapho. Lizofanele nje lembulwe ngosuku lokugcina.

³⁶³ Ungeze na? Woza manje, mngani. Uma ungeqonde, woza. Guqa phansi, khuluma kuYe ngaLo. Uma ngingenakuLenza licace kuwe, Yena uzolenza, ngokuba Ungu—ngumThukululi wawo onke amafindo.

. . . esihlalweni saKhe sobukhosi
 esingwelisiwe.

O, awuzi ngani . . . (Ungeze?) Awuzi ngani?

Awuzi ngani kuYe manje?

³⁶⁴ Khumbula, kunokwenziwa kokurekhodwa kwalokhu, hhayi kuleteyipu kuphela, kodwa irekhodi elikhulu likaNkulunkulu. Ngamunye wenu, wonke umnyakazo, uma ukhothamisa ikhanda lakho, ukhothamisa inhliziyi yakho, mcabango muni odlula engqondweni yakho, khumbula, uyarekhodwa khona manje eNkazimulweni, nerekhodi lizodlalwa ngoSuku lokwaHlulelwa. Sipihi isinqumo sakho na? O, uyofisa kanjani ukuba sishintshwe, ngaloloSuku.

³⁶⁵ Ngizolinda nje, ngoba kunabangingi, abangingi, abazungeze ialtare manje. Niyabo? Mhlawumbe omunye wabo, uma ngibambe nje isikhathi esidana, kungahle kubekhona omunye phandle lapho, ngahle kube ndawondawo eNew York, kungahle kube ndawondawo ePhiladelphia, phandle eCalifornia, eArizona. Ndawondawo, kungahle kubekhona omunye ozayo.

Umelusi, noma ngabe ukuphi, ungakuyeki ukubizelwa ealtare manje.

³⁶⁶ Singahle singaphinde sibone okunye ukuBonga. Lokhu kungahle kube ngokokugcina, namarekhode azobekwa phezulu, kulobubusuku, okokugcina. Iteyipu izophela, ngolunye lwalezizinsuku. Irekhode lizonqunywa futhi lizoba kwi albamu kaNkulunkulu. Khona-ke lizobuye lidlalwe, imicabango yakho oyikho manje. Ungasho ukuthi wawungazi kwehluka. Uyakwazi. “Kodwa akukho-muntu ongeza kiMi, uma uBaba waMi engamdonsi. Nabo bonke uBaba aNgiphe bona, bayoza.”

. . . uze kuYe?

³⁶⁷ Mfowethu, ngiyakholwa, ukuba bengihlezi phandle lapho ndawondawo, futhi benginomcabango omncinyane, impela bengiyodumela lapha ngokukhulu ukushesha. Ya.

O, awuzi ngani? Awuzi ngani na?

³⁶⁸ Seniqedile na? Niqinisekile animdabukisi uMoya waKhe manje na? Asigcine amakhanda ethu ekhothame-ke. Niqinisekile animdabukisanga uMoya waKhe na? Niqinisekile nenze khona impela Anitshela ukuba nikwenze na? Seniqinisekile manje na? Khumbulani, ni—ningahle ningabi nalo neze elinye ithuba. Irekhode lingahle liqedwe nya, kulobubusuku. Lokhu kungahle kube yikho kuphela okwakho. Lena ingahle ibe yiteyipu yakho yokugcina. Uqinisekile usulungele manje na? Uma kunjalo, ngikushiyela ezandleni zenu, eGameni leNkosi uJesu.

³⁶⁹ Manje ikhwaya isaculela phansi, ngizokhulekela laba ophansi lapha. Ngiluhlobo nje lohlobo oluyinqaba kakhulu lomKristu. Ngikholwa ukuthi nguNkulunkulu ozokwenza ukusindisa. Ngikholwa ukuthi uNkulunkulu uzotshala iZwi. “Mina Nkosi,” kusho iBhayibheli, uSaya, “Mina Nkosi ngiLitshalile. NgizoLinisela, imini nobusuku, funa omunye aLihlwithe esandleni saMi.” Ngaphambi kokuba ngicele noma ubani eze ngase altare nalababantu, ngifuna ukubakhulekela, qobo lwami.

Asikhothamise amakhanda ethu manje.

³⁷⁰ Jesu othandekayo, ngisanda kucaphuna iZwi laKho nje, umprofethi waKho alisho, futhi ngiyawazi amazwi abaprofethi aqinisile. Futhi Wena wathi, “Mina Nkosi ngiLitshalile.” Ngani, impela, WaLifaka eNcwadini yokuPhila yeWundlu, ngaphambi kokusekelwa kwezwe. “Mina Nkosi ngiLitshalile, futhi NgiyakuLinisela, imini nobusuku, kungenjalo funa omunye aLihlwithe esandleni saMi.” Laba, mhlawumpe, Nkosi, ukuzwile ukubizela ealtare okuningi. Kodwa Usalokhu uLinisela, Nkosi.

³⁷¹ Nampa, kulobubusuku. Kwangathi nje bangaqaqeka, kulobubusuku, Baba, kuzozonke izinto zezwe, zonke izono nezinkathazo okusenhliziyweni yabo, futhi ngokusile

nje, ngokwenhlonipho yokuzithoba, enhliziyweni yabo, bangaqaqeleka eZwini laKho, khona manje, futhi bathi, “Nkosi Jesu, phansi enhliziyweni yami, bengikholwa njalo ukuthi bekukhona into ethize yami, ebengingakayemukeli neze namanje. Nakuba ngizamile, njengoba isisho senziwe kulobubusuku, ukulandela isikhukhukazi, kodwa bekukhona into ethize ebibonakala ixakile kimi. Ibingezwakali nje kahle. Manje-ke, kulobubusuku, ngiyezwa ukuthi ngiyeza manje ngenondela kakhulu ezingalweni zeZwi eliphilayo. Ngiza lapha ngenhlonipho yokuzithoba nje, ngokusile emqondweni wami. Ngizinze phansi lapha ngakuleli altare. Ngifuna insindiso, Nkosi, kabikabi. Ngilambe kakhulu! Ngifuna Wena, Nkosi, ukuba ungibambe ngezingalo zaKho, kulobubusuku. Hhayi nganoma yiliphi idlingozi, kodwa ngoMoya wothando, ngifake ezingalweni zaKho, Nkulunkulu othandekayo.”

³⁷² “Ngingumntwana waKho. Ngiyezwa ukuthi ngiyilolokhozi abekade bekhuluma ngalo. Ngibambe, Nkosi. Ngiyagxuma. Ngisukumile esihlalweni sami, futhi ngaguqa phansi lapha. Ngibambe, Nkosi. Ngiyagxuma. Ngilethe emaphikweni aKho, Nkosi, ngisuke kulezizinto zezwe. Mangisuke ngindize ngisuke ekungcoleni kwalelizwe, emkhubeni wami omubi, kulolonke isiko lehlelo lami. Mangize kuphela kuWe, Nkulunkulu othandekayo, ukuze uMoya oNgcwele waKho uthululele kimi ukuthethelelwa kwazo zonke izingabazo zami. Kwangathi mina, kulobubusuku, ngingaba ngumntwana waKho, ofreshi, ozelwe, nesidalwa esisha, kulobubusuku. Ngibambe. Ngithwale ungisuse, ngaphambili le kokukukuza kwesikhukhukazi. Ngithwale ungisuse, ngiye esidlekeni soKhozi, lapho khona ngingondliwa khona ngeZwi likaNkulunkulu, ngize ngikwazi ukundiza.”

³⁷³ Siphe khona, Nkulunkulu othandekayo. Bathathe. BangabaKho. Lona ngumkhuleko wami ngobuqotho, ngikhuleka phezu kwabantu abafayo. Siphe khona, Baba. Nginikela lomkhuleko esikhundleni sabo. Ngenxa yenkazimulo kaNkulunkulu, ngiyakucela.

Manje namakhanda ethu ekhotheme.

³⁷⁴ Angazi noma, ngokuzungeza ialtare manje, nguwe oguqe lapha. Abaningi benu uzisho ukuthi ningamaKristu, kodwa nizwile ukuthi njalo kukhona into ethize, ndawondawo, ebeningenayo. Ngahle ukuba nenze sonke isenzo sezenkolo. Ningahle ukuba nimemezile. Ningahle ukuba nenze zonke izinto. Ningahle ukuba nisine eMoyeni. Ningahle ukuba nikhulume ngezilimi. Futhi akukho-muntu ongasho noma yini engalungile ngokumelana nalokho. Lokho kuqinisile. Lokho konke kuhle. Kodwa, niyabo, lokho yiziphiwo zikaMoya, ngaphandle kukaMoya. Ukuba uMoya ubulapho, lokho kuzwa bekungeke kuzwe kulahliwe kanjalo.

³⁷⁵ Ngabe ngempela nina, ngobuqotho, lapha ealtare, niyakukholwa lokho khona manje, niselapha, leso nje yisenzo sokuziqaqqa wena, hhayi idlingozi manje, kodwa kokwangoqobo, ukukholwa okumsulwa, ukuthi uNkulunkulu uzokwemukela futhi akondle ngeZwi laKhe nize nibe yizinkozi, qobo lwakho, futhi ukwazi ukundiza na? Uma ukholwa, futhi ufuna uNkulunkulu ukuba enze lokho, phakamisa isandla sakho, wena ozungeze ialtare phansi lapha. UNkulunkulu akubusise. Ngamunye uphakamise izandla zabo.

³⁷⁶ Manje, ngokuthula ngempela, ngizocela abesilisa nabesifazane abazehlukanisele abamazi ngempela uNkulunkulu.

³⁷⁷ Iningi labo, kuxake ngempela, kubonakala sengathi kungaleyondlela, ukubizela ema altare engikwenzayo ikakhulu ngabesilisa bonke. Niyazi, ngendlela evamile, ngabesifazane. Kodwa ngabesilisa bonke lapha. Ngicabanga ukuthi munye owesifazane ealtare, kulobubusuku, mhlawumbe babili. Ngokuvamisile ngabesifazane. Kodwa, ngandlela thize noma enye, ngiqagele kubonakala sengathi abesifazane bacabanga ukuthi ngikhuluma ngokumelana nabo. Angimelene, dade. Abathathu, ngiyakholwa, omunye uthe bayabona. Angikwazi ukubona phezu kwechopho lealtare lapha. Kulungile.

³⁷⁸ Abanye benu maKristu azehlukanisele wozani lapha futhi nime kanye nami emkhulekweni umzuzu nje. Ealtare, noma ngabe nikuphi, emsamo, umuntu omaziyo ngempela uNkulunkulu, owaziyo nje ukuthi kumiwa kanjani lapha imizuzu embalwa nje senzele umkhuleko nabo, khonake sizozikhipha izethameli. Wonke umuntu akahloniphe ngokuzithoba ngempela manje. Ningasuki. Wozani lapha nje futhi nime nizungeze.

³⁷⁹ Abanye benu bantu abakukholwayo ngempela Lokhu ukuthi kuyiQiniso, ukuthi singena komunye umnyaka. Singena oNyakeni woHlwitho. Niyazi ibandla lingengene esimweni salo, futhi lingethole bungcono. Lifanele liye ngokuba libi kakhulu. Bangaki okwaziyo lokho na? Thanini, "Amen." [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Lifanele liye ngokuba libi kakhulu. Futhi lingeke lahamba kanje. Niyabo? Kufanele kube Into ethize, futhi Iyanyakaza khona manje, mngani. I—i—ikhona, kukhona umnyakazo woMlobokazi. Lelo yiQiniso. Lowo ngu ISHO KANJE INKOSI.

³⁸⁰ Yenyukani manje, maKristu azehlukanisele ofuna irekhode lakho—lakho likuthole lokho, laba abeza ngobuqotho, ukuthi nifuna ukuza futhi ninikele umkhuleko nabo, njengabafowenu nodadewenu, yenyukani nizungeze ialtare. Yimani nizungeze lapha umzuzwana nje, nenzele umkhuleko. Omunye futhi ofuna ukuza na? Nime nizungeze lapha. Guqani phansi nje ngakubo. Hambani nje, lapho nina besilisa ngakulabo besilisa;

nina besifazane. Ngobumnandi, ngokuzithoba nibacelele umkhuleko.

Nkulunkulu othandekayo, siza . . . ? . . .

381 “Nginikela konke. Nginikela ihlelo lami. Nginikela umshado wami wokuqala. Nginikela indoda yami yokuqala. Nginikela yonke into, Nkosi.”

. . . -der konke.

Konke kuWe, Msindisi wami obusisiwe,
Nginikela konke.

Nginikela konke,
Ngisurren- . . .

382 Uyawunikela umbono wakho uqobo na? Ungayinikela imibono yakho uqobo, uye eZwini likaNkulunkulu na?

Konke kuWe, Msindisi wami obusisiwe,
Nginikela konke.

Nginikela konke,
Nginikela konke.

Konke kuWe, Msindisi wami obusisiwe,
Nginikela . . .

383 Wonke lowo okholwayo manje, ezethamelini, sukumani. Asilicule, kanyekanye, manje.

Ngisurren- . . .

Nonke niyanikela, senilungele ukulicula manje na?

Ngi . . .

KuWe, Msindisi wami obusisiwe,
Ngisurren- . . .

384 Manje, nina enizungeze ialtare, uma ninikela ngempela, phakamiselani isandla senu kuYe, nicule, “Nginikela konke. Nginikela ihlelo. Nginikela ihlelo. Nginikela ibandla. Ngizinikela mina. Nginikela umbono wami. Konke kuWe, Msindisi wami obusisiwe, nginikela konke. KuWe, wami . . .”

Nginikela konke,
Nginikela konke.

Konke kuWe, Msindisi wami obusisiwe,
Nginikela konke.

Nikusho ngempela na?

Nginikela konke,

[Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

385 Nina lapha manje ealtare. Nina lapha ozungeze ialtare, okhulekile. Ibandla likukhukele. Ukhulekile, qobo lwakho. Manje yinye kuphela indlela ongasindiswa ngayo, lokho ngukuthi, “Nisindiswa ngokukholwa, nalokho kungomusa.” Umusa kaNkulunkulu ukhulume kini waniletha ealtare. Nifuna izibusiso zikaNkulunkulu. Nifuna iZwi laKhe. Nifuna uMoya

oNgcwele. Nifuna umusa omningi kaNkulunkulu. Futhi uma ninjalo, futhi ningakwenza, ngempela, ngayo yonke inhliziyu yenu, kunikeleni. Manje, ningabheki-dlingozi. Bhekani iQiniso, iQiniso elivela enhliziyweni yenu, ngokukholwa. “Nkosi, ngiyavuma ukwenza noma yini iZwi laKho elingiyala ukuba ngikwenze. Ngizunikela mina, ngakho konke okukumi.”

³⁸⁶ Uma ukukholwa lokho ngayo yonke inhliziyu yakho, ngifuna usukume ngezinyawo zakho, ujikele kulelibandla, izethameli, bese uphakamisa izandla zakho, futhi sizolicula kanye kanye nabo, “Nginikela yonke into ekimi, Nkulunkulu. Njengokwazi kwami okwedlula konke, yonke into engiyiyo, ngiyanikela.”

³⁸⁷ Yenyukela kulomsamo lapha, wena ose altare. Yenyukelani ngqo lapha emsamu, bazalwane, phezulu ngqo lapha, nonke, nabafowethu nodadewethu.

Bukani lapha, bandla.

³⁸⁸ [Udade uthi, “Mfowethu Branham, ngingowebandla, kodwa kamuva angangisekho ngisho nakulo.”—Umhl.] Nikela? [“INkosi iyazi lapho engifuna ukuholwa yiYo. Ngifuna . . . ? . . . Ebandleni. Futhi ngifuna uMoya oNgcwele, ngigcwaliswe ngoMoya. Futhi ngizofa masinya impela, uma kungukuthi kuthatha lokho.”] Yebo. Kunjalo. Ninikela konke nokunci kuYe neZwi laKhe na?

³⁸⁹ Udade lapha, wasehlelweni. Uthe, “Ngingowehlelo.” Asidingi ukuba silibize. Uyisisebenzi phakathi lapho. Kodwa uthe, “Mfowethu Branham, ngifuna ukuphumela eQiniseni. Ngifuna into ejulile kunaleyo.” Niyabo?

³⁹⁰ Ake ngicaphune iZwi laKhe. “Babusiwe abalamba bomele ukulunga, ngokuba bayakusuthiswa.”

³⁹¹ Manje, nina lapha emsamu, enisanda kufika nje, uma senilungele ukunikela yonke into eniyiyo, yonke into, ukuba nilalele iZwi likaNkulunkulu. Akukho-muntu onitshelile, leliviki, ukuthi yenzani ini. Manje, uma senilungele ukunikela khona manje kuYe, phakamisani nje izandla zenu, *kanje*, ezithamelini. Manje, nina lapha emsamu, asilicule kanye kanye manje, *Nginikela Konke*. Wonke umuntu, kanye kanye. Kulungile.

Nginikela konke,

Manje kusho ngempela lokho! . . . ? . . .

³⁹² Nikusho ngempela na? Thanini, “Amen.” [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Thanini, “Amen,” kanye futhi. [“Amen.”] Thanini, “Nkosi,” [“Nkosi,”] “ngihlole.” [“ngihlole.”] “Ngivivinye.” [“Ngivivinye.”] “Futhi unginike ithuba.” [“Futhi unginike ithuba.”] “Yilokhu kuphela ebengingakwenza, kulobubusuku,” [“Yilokhu kuphela ebengingakwenza, kulobubusuku,”] “ngukuba ngizinikele uqobo lwami kuWe.” [“ngukuba ngizinikele uqobolwami kuWe.”] “Uyakwazi

ukulamba kwenhliziyo yami.” [“Uyakwazi ukulamba kwenhliziyo yami.”] “Uyasazi isifiso sami.” [“Uyasazi isifiso sami.”] “Isithembiso saKho besingukugcwalisa lesosifiso.” [“Isithembiso saKho besingukugcwalisa lesosifiso.”] “Manje ngiyasemukela.” [“Manje ngiyasemukela.”] “Futhi nginikela kuWe.” [“Futhi nginikela kuWe.”] Sonke kanye kanye.

Nginikela konke,
Nginikela konke.
Konke kuWe, Msindisi wami obusisiwe,
Nginikela konke.



UKUHLANGANISWA OKUNGENAKUBONWA
KOMLOBOKAZI KAKRISTU ZUL65-1125
(The Invisible Union Of The Bride Of Christ)

LomMlayezo ngo Mfowethu William Marrion Branham, okokuqala wethulwa ngesiNgesi ngoSuku lokuBonga ngoLwesine kusihlwa, ngoNovemba 25, ngo 1965, eLife Tabernakele eShreveport, eLouisiana, U.S.A., uthathelwe ekuqopheni kweteyipu enozibuthe futhi washicilelwa ungafinqiwe ngesiNgesi. Lokhu ukuhunyushwa ngesiZulu kwashicilelwa futhi kwakhishwa yiVoice Of God Recordings.

ZULU

©2014 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS, SOUTH AFRICA OFFICE
58 DISA ROAD, ADMIRAL'S PARK, GORDON'S BAY 7140 WESTERN CAPE
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org

Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org